


# UBUFAKAZI OLWANDLE

 Ngaphambi kokuba sikhothamise amakhanda ethu ngomkhuleko, ngithanda ukufunda amanye eZwi likaNkulunkulu. Ngithanda njalo ukufunda iZwi laKhe; ngoba amazwi ami ayohluleka, angumuntu, kodwa iZwi laKhe lingeke lehluleka. Nani enigcina umzila wendikimba, kanjalonjalo, asifunde kuMathewu isahluko 14, kulobubusuku, siqale ngevesi 22.

*UJesu ucindezela masinyane abafundi bakhe ukuba bangene emkhunjini, bamandulele ukuya phesheya, aze amukise izixuku.*

*Esezemukisile izixuku, wenyukela entabeni ukuyokhuleka eyedwa: seku...hlwile, wayeyedwa lapho.*

*Kepha umkhumbi wawusuphakathi nolwandle, ushukunyiswa ngamaza: ngokuba umoya wawuphambene nabo.*

*Ngomlindo wesine wobusuku uJesu weza kubo, ehamba phezu kolwandle.*

*Kepha abafundi sebembonile ehamba phezu kolwandle, bashaywa luvalo, bethi, Yisithunzi; bakhala ngokwesaba.*

*Kodwa uJesu wakhuluma kubo masinyane, wathi, Yimani isibindi; yiMina; ningesabi.*

<sup>2</sup> Asikhothamise amakhanda ethu manje okomkhuleko. Amakhanda ethu nezinhliziyo kusakhothame phambi kukaNkulunkulu, ngabe sikhona isidingo endlini, kulobubusuku, ebeningathanda ukusazisa kuNkulunkulu, ngokuphakamisa izandla zenu, futhi nikhunjulwe emkhulekweni na? INkosi ibuka phezu kwenu, ayibe nomusa kithi.

<sup>3</sup> Baba wethu waseZulwini, siyeza manje eBukhloneni baKho, ngendlela neGama leNkosi uJesu. Sazi, ngesiqiniseko esibusisiweyo, Asethembisa sona, uma siyo “cela noma yini” eGameni laKhe, ukuthi Uyosipha khona. Sinokubonga kakhulu ngalokhu. Amazwi angeyizwakalise indlela esizwa ngayo ngakho, ngesiqiniseko esinaso, ukuthi Usilalele njengamanje.

<sup>4</sup> Uzibonile lezozandla, Nkosi. Uyazi ukuthi bezidingani. Ungowazi konke, onamandla onke, uNkulunkulu ongenasiphelo, futhi siyazi ukuthi Wena wazi izinhliziyi zabantu. Wazi imicabango yethu. Ngisho naphambi kokuba ngisho size sidalwe, Wayazi yonke imicabango esiyoke sibe nayo, ngokuba Wena ungenasiphelo.

<sup>5</sup> Futhi siyakhuleka, Nkosi, ngalelihora, njengoba izifiso zethu kungukufinyelela kuWe, buka phansi usemaZulwini, Nkosi, futhi uthathe izicelo zethu ziye enhliziyweni yaKho uQobo, Nkosi, futhi usiphendule ngokwengcebo yaKho eNkazimulweni. Siphe isifiso senhliziyo yethu, sithemba ukuthi kuyintando yaKho yobuNkulunkulu. Futhi siyazi ukuthi kuyintando yaKho enhle ukwenza intando yaKho.

<sup>6</sup> Siphe ukuthululwa okukhulu koBukhona baKho, kulobubusuku, futhi Nkosi. Philisa abagulayo. Sindisa abalahlekileyo, vusa labo abafile esonweni naseziphambukweni, futhi balethe ekuPhileni okusha, kulobubusuku. Kwangathi singabona uJesu. Sikucela eGameni laKhe. Amen.

<sup>7</sup> Ningahlala phansi. Siyaxolisa ukuthi asikwazi ukuhlalisa abantu, okomthamo wokuhlala. Kodwa, selokhu kube ubusuku bokuqala, bathi badingeke ukuba babuyisele emuva izixuku eziningi zabantu, ngakho siyaxolisa ngalokho. NoMfowethu Grant akazange nje athole ukwakha elinye ikamelo, noma, uku...Ngikholwa ukuthi kuzoba ngakwesokunxele azogudluzela khona loludonga oluhlukanisayo. Oligugu, umfowethu oligugu namhlanje ungibuze ukuthi ngingakwenza yini lokhu kube yinto yonyaka, ukuba ngibuyele eDallas, ebandleni lakhe. Isimemo esikhulu kangaka njengaleso, kulelihora, lapho iminyango ivala ngokukhulu ukushesha, bese kuthi-ke indoda ingifuna ukuba ngibuyele futhi ngikwenze kube yinto yonyaka, udaba. Ngiyakuthokozela lokho.

<sup>8</sup> Ngibe nesikhathi senhlanganyelo nabo kulokhu ukusa, noMfowethu Gordon Lindsay nabaningi babo. UMfowethu Pearry Green, ongumxhasi womhlangano ozayo ezansi eBeaumont, ohlezi emva kwami lapha kulobubusuku. Nabaningi, abangani bethu, uMfowethu Don nomkakhe. Sijabula kakhulu ukuba nabo lapha. INkosi ibabusise.

<sup>9</sup> Manje, kulobubusuku, nje...Kade ngizama ukwenza iMilayezo yami ibelula nje ngakho konke engabalula ngakho, ukuze kuthi ngisho nomntwana akwazi ukuyiqonda.

<sup>10</sup> Kusasa ntambama yinkonzo yobuvangeli, futhi ngifisa sengathi nonke beningaphuma.

<sup>11</sup> Manje uma ninezinkonzo ebandleni lenu uqobo, ngani, nina—nina hlalani lapho eni—lapho enibekwe khona. Asifuni muntu ukuba bashiye ibandla labo uqobo, uku...Futhi-ke uma ugula futhi ufuna ukuza ukhulekelwe, nebandla lakho linenkonzo kusasa ntambama, khuluma kumelusi wakho ngakho, ukuze angacabangi kabi, uyazi. Mazise ukuthi silapha ngokubambisana, uku—ukusiza wonke uMzimba kaJesu Kristu ogongobala lapha eDallas nangakhona.

<sup>12</sup> Ngakho, kusasa ntambama, ngicabanga ukuthi, ligamenxe elesibili, ngizokhuluma uMlayezo wobuvangeli. Sizobe-ke sesikhulekela bonke abantu abagulayo, sicoshe onke amakhadi

omkhuleko nezinto eshiyiwe iviki lonke, futhi sibakhulekele bonke kusasa.

<sup>13</sup> Manje indaba yami kulobubusuku ifana kakhudlwana nomdlalo wasesiteji, okwemizuzwana nje embalwa. Futhi ngizozama ukungena kakhulu nje impela kulobubusuku ngakho konke engingakwenza, ekukhulekeleni abagulayo. Indikimba yami ithi, “ningesabi, yiMina,” kukhuluma uJesu. Indaba yami ithi: *UbuFakazi OLwandle*.

<sup>14</sup> Kufanele ukuthi kwase kuthi akube leyithi ntambama, ilanga kufanele ukuthi lase liyoshona ngenkathi lokhu kwenzeka, futhi manje kufanele ukuthi kwakudade kuwusuku olushisayo cishe njengoba kunjalo phakathi lapha.

<sup>15</sup> Isishayisamoya asisebenzi, futhi bayasisebenza. Yingalesosizathu ngishintshe indaba yami ngokuphuma lapho, ebingizokhuluma ngakho, ukuze ngisheshe ngakho, ukuze ningahlali ekushiseni okunjengalokhu.

<sup>16</sup> Lomdobi omkhulu, emva kokubona abenakho usuku lonke, ekade ebhekisisa uJesu enkonzweni yaKhe enkulu.

<sup>17</sup> Ngangingathanda ukuphila kulolosuku, ukuba ngiMlandele. Kodwa, niyazi, ngiyajabula ngisalokhu nginayo inhlanhla yokwenza into efanayo, ngiMbhekisisa enza izinto. Futhi kukhulu kakhulu ukuMbhekisisa namhlanje kunoma kwakunjalo ngaleyonkathi. Nginokukholwa okuningi kuYe manje, futhi ngingaba nokukholwa okuningi manje kunoma ngangiyoba nakho ngaleyonkathi, ngoba sibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili ukufakazisa ukuthi iVangeli liqinisile. Futhi emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, Usaphila, enza nje njengoba Enza ngaleyonkathi, ngakho sinesiqiniseko esikhulu kakhulu nesisekelo esikhulu sokukholwa manje kunoma babenaso ngaleyonkathi.

<sup>18</sup> Ngoba, WayenguMuntu nje ehambahamba nokuzisho ukuthi—ukuthi Wayethunywe evela kuNkulunkulu futhi wayeyiNdodana kaNkulunkulu, nokuthi uNkulunkulu wayeqinisekisa iZwi laKhe elithenjisiwe lalolosuku, ngaYe, futhi ngandlela thize babenesizathu sokukungabaza. Osiyazi bezenkolo, babenjalo! Futhi niyaqaphela ukuthi kwakuyinto efikiselana umunyu, kwakungokufikiselana umunyu ngempela, ngoba labosiyazi bezenkolo babefanele baKukholwe ukuba uNkulunkulu wayengaphuphuthekisanga amehlo abo. IBhayibheli lasho njalo.

<sup>19</sup> Futhi benazi yini Wethembisa ukuthi Uyophuphuthekisa amehlo abo futhi namhlanje, ukuba bangaKuboni na? Bayoba nga “banamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu, abangenakuthuliswa, abahlebayo, abangenabumnene, abangathandi okuhle; benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha baphike aMandla akho.” Isithembiso impela nje sibuya ngqo futhi. Futhi kul’khuni

ukuthi kukhona ongakwenza kodwa nje ukubadabukela abantu, namehlo abo ephuphuthekisiwe kulolusuku. NemiBhalo uNkulunkulu athembise ukuthi iyofezeka ngalolusuku ngqo, ngalelihora, futhi silibuka ngqo futhi silibhekisisa. Bese-ke abantu bebuka, futhi banikine ikhanda labo futhi basuke bahambe, bathi, “AngiKuboni.” Kuyinto efikisela umunyu, kodwa nokho imiBhalo uzofanele ugwaliseke. Kufanele kube ngaleyondlela.

<sup>20</sup> Ngakho lababafundi babekade bekhethwe nguNkulunkulu. Niqaphelile yini, uJesu wabatshela, “Ngaphambi kokusekelwa kwezwe,” Wabakhetha, futhi babeyimbewu kaNkulunkulu egcotshiwe. Yingakho nxa kuqubuka izinkathazo, nabantu kwakubukeka sengathi babekade benoJesu ekhoneni, ngombuzo, kwakungekho-mbuzo kubo. Babengenakukuqonda, kodwa babezimisele ukungazi lutho olunye kodwa Yena. “Wena kuphela uneZwi lokuPhila.” Futhi babezimisele ukuhlala naLo, ngoba babegcotshelwe lesosikhundla.

<sup>21</sup> Futhi kunjalo nanamhlanje, ukuthi abesilisa nabesifazane, abagcotshelwe ukuPhila okuPhakade, bayoza ekuPhileni okuPhakade. “Konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi.” Lelo yiZwi laKhe, nalokho ngeke kwehluleka. Yi—yiZwi likaNkulunkulu.

<sup>22</sup> Futhi sibona lababafundi manje, ababenomhlangano omkhulu ngalolosuku, phandle enkundleni enkulu ngaseceleni kwentaba. NoJesu wayebatshelile, “Manje qhubekani niwele ulwandle, niNgandulele.” Futhi Wayenyukela entabeni, eyedwa, enzela umkhuleko. Nalababafundi, emva kokuhlangana nabangani, sengathi ngiyabona nje ukuthi bazizwa benjani.

<sup>23</sup> Ngoba, ukuhlangana nabangani, bese-ke nidingeka ukuba nihlukane nabangani; sekuthi akube yisikhathi nje sokuba nithole ukujwayelana, bese-ke kudingeka ukuba nithi salani kahle. Nalokho bekuhlala njalo kuluhlobo lobuhlungu benhliziyo kimi, esizweni sonke, umhlaba jikelele, bekungukuhlangana nabangani bese-ke ngibashiya, ngazi ukuthi baningi ongaseyikubabona uze uhlangane nabo ekwaHlulelweni. Kuludaba oluthi ukudabukisa.

<sup>24</sup> Sengathi ngiyabona isikebhe, no—nomnsalo waso siphushelwa osebeni. Futhi kufanele ukuthi kwakukade kunguSimoni Petru, nezingalo ezinkulu ezinemisipha namahlombe, owayehamba ephusha isikebhe futhi esibhekise ngasekusikhipheleni olwandle. Futhi bonke babevayizela bevalelisa labo ababesosebeni. Futhi babememeza kakhulu, “Nibuye nibuye futhi niwezele iNkosi nganeno kithi! Futhi nize nibe nenye invuselelo; sibusiseke kakhulu namhlanje!” Nabangani abasha bevayizela. Wayesegibelisa bonke abanye abafundi, wayesehlala phansi mhlambe eceleni komfowabo, uAndriya, wayesecosha izigwedlo.

25 I—izikebhe ngalesosikhathi zazihanjiswa ngophephela phakathi kokuthi ngomoya noma ngezigwedlo ababezidonsa. Futhi-ke mhlawumbe babehlala ngababili esikebheni, ababili ohlangothini, futhi babe. . . noma ababili esihlalweni esisodwa, njalo, mhlawumbe eziyisithupha noma eziyisishiyagalombili izihluthulelo zezigwedlo. Babedonsa ngesikhathi esifanele, nangaleyondlela babekwazi ukubamba isikebhe esiqwini saso uma kwakukhona iziphapho. Manje-ke, imimoya ivunguza ngokwejwayelekile, babemisa useyili, bese besihambisa ngoseyili.

26 Kufanele ukuthi kwakukade kuyintambama eshisayo, ngokubuka komBhalo ngaphambi nje kwalesisehlakalo, futhi ngakho kufanele ukuthi kwakukade kungethule ngempela, ebalele, intambama eshisayo. Ilanga lase lishona. Futhi bona, njengoba babegwedla, bese-ke bededela bese bevayizela bevalelisa kubantu, “Sithemba ukubuye sinibone ngesinye isikhathi,” njengoba babegudluka bephumela olwandle. Nokushona kwelanga, nokuhwalala kwakusihlwa, kwase kuthi-ke emva kwesikhashana u—ubumnyama banga.

27 Futhi bafanele ukuthi bake bathi ukuhamba ngejubane kahle impela lo—lokugwedla, nalowo ngumsebenzi onzima uma lezozigwedlo ezinkulu ezisindayo zishona olwandle. Futhi iningi labo babenga—ngabadobi, namadoda anamandla amakhulu, belejwayele ulwandle. Futhi ngakho lapho bebheke uJesu ukuba angene esikebheni futhi aqhubeke abalandele, masinyane impela. Ngani, baphumela lapho, futhi bafanele ukuthi bagudla osebeni kancanyana nje; nithi nje ukuqalisa umkhumbi wenu, bese-ke nidedela.

28 Mhlawumbe uJohane osemncane kufanele ukuthi nguye owaba ngowokuqala ukukhuluma, ngoba wayengomncane kunabobonke beqembu. Futhi kufanele ukuthi kwakunguye owathi, “Ngithi ukukhathala kancanyana nje. Ake sigudle osebeni kancanyana. Ake nime kancane, asidingi ukuba sijahe. Akakafiki nokho, ngakho singavele nje silinde isikhashanyana futhi sike sithi ukuthola ukuphefumula kahle umoya.”

29 Futhi lapho ehlezi lapho ethe ukugobisa ikhanda lakhe kancanyana, ufanele ukuthi waqala umhlangano wobufakazi. Futhi yilokho engifuna ukukhuluma ngakho. Kufanele ukuthi kwaba nguye owasukuma kuqala, wayesethi, “Bazalwane, akunandaba ukuthi abantu bathini, nokuthi noma ubani ufuna kangakanani ukukholwa ngokungesikho, ngiqiniseke ngempela manje, emva kwanamhlanje, ukuthi asilandeli yena umkhohlisi. Silandela ongasilele ngalutho ekubeni nguNkulunkulu, ngokuba akukho-muntu obengenza Akwenze namhlanje kungesuye uNkulunkulu. Niyazi, ngenkathi Ethatha lawomabhesikidi futhi wawahlephula, wayesepha lezozinkulungwane ezinhlano lapho, leyo yinto emangalisa kakhulu impela kimi. Kufanele ngabe kube nombuzo kwaze kwaba namhlanje,” manje ngiphinda

nje ubufakazi bakhe njengoba babunjalo, “kodwa lokho kwakuxazula.”

<sup>30</sup> Wathi, “Ngiyakhumbula eminyakeni eyadlula. Ngangivame ukuhlala ezansi eduze kweJordani. Futhi ngisakhumbula, njengomfanyana, ukuthi owami omuhle, umama oyiJuda wayevame ukungiqukula, ntambama, bese engihlalisa ethangeni lakhe bese engithunduzela, phandle egosini, ngenkathi izinhlobo zezimbali amaphophisi iqhakaza ngaseceleni kwezingu zeJordani. Futhi wayevamise ukubuka ngaphesheya ngasogwadule, ukusuka lapho abantu bakithi balethwa khona bedabula lolugwadule. Wayevamise ukungixoxela izindaba zeBhayibheli. Enye yezindaba ezinkulu engiyikhumbulayo, kwakungowesifazane waseShunemi futhi ngenkathi umfanyana wakhe omncane efile, no—nomprofethi wabuye wamvusa lomfanyana kwabafileyo. Leyo kwakuvamise ukuba yindaba exhuxhumisayo.

<sup>31</sup> “Kodwa enye yezindaba exhuxhumisa kakhulu, nomama ayevamise ukungixoxela yona, wayethi, ‘Manje, Johane, usengumfanyana nje; kodwa ngifuna ukhumbule, lapho usukhulile, ukuthi, uJehova omkhulu wenyusa abantu bakithi wabakhipha eGibhithe, futhi sidabula kulelohlane ngaphesheya komfula lapho. Futhi bonke iminyaka engamashumi amane, bahamba bangena kulelohlane, bengenazindawo ukuthola okokwembatha, futhi kungekho ndawo yokudlela. NoNkulunkulu wanisa isinkwa sehla sivela ezulwini, njalo ebusuku, futhi wapha abantu bakithi kulelohlane, ngoba babesemgqeni womsebenzi, belandela uJehova omkhulu. Futhi manje, ngoluny’usuku, uJehova uzoba yinyama lapha emhlabeni, ngesimo soMuntu, Uyobizwa Ngogcotshiweyo, uMesiya.’

<sup>32</sup> “Futhi ngiyakhumbula,” wayethi, “njengomfanyana, ukuthi umqondo womfanyana wami wawuvame kanjani ukufanekisela, uzame ukufanekisela, ‘Wabondla kanjani uNkulunkulu bonke labo, abantu abayizigidi ezimbili nohhafu, kulelohlane na? Wasithola kanjani sonke isinkwa na?’ Futhi ngangivamise ukubuza umama, ‘Mama, ngabe Yena, ngabe u—uJehova unesigejane esikhulukazi sohhavini phezulu lapho esibhakabhakeni, futhi Wayebhaka zonke izinkwa, futhi agijime ehle ebusuku bese esibeka e—emhlabathini, enzele abantu, nezibhakabhaka ezinkulu zikaJehova zigcwele ohhavini na?’ Wayethi, ‘Qhabo, ndodana, usemncane kakhulu ukuba uqonde. Uyabo, uJehova unguMdali. Akadingi ohhavini. Uvele akhulume nje, neZwi laKhe liyabonakaliswa uma Ekhuluma. UnguJehova omkhulu, futhi Wavele walikhuluma nje. NeziNgelosi ziyasinikezela phansi emhlabathi, zenzela abantu.’

<sup>33</sup> “Futhi namhlanje, ngenkathi ngiMbona ema lapho, nikuqaphelile lokho kubukeka ebusweni baKhe na? Bekungekho kungabaza emqondweni waKhe. Ngigibele phezulu emva

kwedwala, futhi ngaMbhekisisa lapho Ethatha lesosinkwa futhi wasihlephula, wayesesinikeza a...abefundisi baKhe, thina, ukuba sisinikeze abantu. Kwase kuthi-ke ngenkathi Ebuyela emuva ukuba asihlephule futhi, lowo lofu wawusuphelele futhi. Futhi Ukwenze lokho ngokuphindwe izikhathi ezingamakhulu, kwaze kwasutha wonke umuntu, futhi kube neziqabetho, ezigwele, ezithathwayo. Ngiyazi ukuthi lowo ubengeke aba ngaphansi kokuthi unguJehova, ngoba Wenze njengoba kwenza uJehova. NguJehova kuphela ongadala. Futhi ngiyazi ukuthi lowoMuntu akasuye umkhohlisi. Munye kuphela uMdali, nalowo nguJehova. Futhi manje, kuzozonke izinto engizibonile, lokho kungenelisile.

<sup>34</sup> “Ngifuna nazi manje ukuthi inhliziyo yami izinikele ngokupheleleyo, futhi ngikholwa ngokupheleleyo ukuthi Akasuye umprofethi nje. Ungumprofethi, kodwa Wedlula umprofethi. Akangaphansi kwalutho kunokuba uJehova uNkulunkulu ehlala phakathi kwethu, ngoba Wadala isinkwa, futhi Wayenemikhuba kaJehova. Akumangalisi Akwazi ukuba athi, ‘Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa; kodwa uma Ngenza imisebenzi kaBaba waMi, futhi ningenangikholwa Mina, kholwani imisebenzi, ngokuba ifakaza ngaMi futhi iyanitshela ukuthi NginguBani.’ Kubukeke sengathi abantu bebefanele bakubone lokho, kalula.”

<sup>35</sup> Futhi uJohane weneliseka ukuthi WayenguMesiya, Lo uIsaya athi, “Sizalelwe iNdodana, neGama laYo liyakuthiwa uMeluleki, iNkosana yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, uYise ongunaPhakade.” NoJohane weneliseka ngoba wayebonile. Umfo osemncane enikeza ubufakazi bakhe.

<sup>36</sup> Ciske ngalesosikhathi, uSimoni Petru wathi, “Awu, manje, umzuzu nje. Uma sizoba nomhlangano wobufakazi, ngizothanda ukuba ngibe nokuthize engikushoyo. Niyazi, ngangimanqikanqika kakhulu ngento yonke, ngenkathi uAndreya umfowethu, owethamela imvuselelo kaJohane umprofethi, owayefakazile ukuthi uMesiya wayeza futhi wayezoMethula. Futhi ngangimanqikanqika kancane ngalokho uAndreya ayengitshela khona, ngoba ngizwe zonke izinhlobo zezindaba zikaMesiya nakho konke okunye.

<sup>37</sup> “Kodwa nonke nina bazalwane niyamkhumbula ubabayi wami omdala. Igama lakhe kwakunguJonase. Futhi niyamkhumbula, ukuthi wayelikholwa lokuqina kakhulu kangakanani. Ukuthi ngisamkhumbula kanjani umama nobabayi, nathi sonke, njengoba sasidobela ukuziphilisa, futhi sasingabambi nhlanzi; sasidinga isinkwa, nokuthi babeguqa kanjani phansi futhi bakhuleke kuNkulunkulu, ‘Siphe ukuba sibambe namhlanje, Nkulunkulu, ukuze sikwazi ukuthengisa izinhlanzi zethu, futhi sikhokhe izikweletu zethu, sibe nokudla esizokudla.’ Nokuthi sasiphumela kanjani

olwandle, esiphephweni, futhi sibe nesibindi soku—kubhekana nalezoziphepho.

<sup>38</sup> “Futhi ubabayi, sengiyazibona izinwele zakhe ezimpunga zilenga emhlane wakhe, ngoluny’usuku lapho ehlezi phezu kwentambo yokudonsa useyeli wesikebhe futhi wakhuluma kimi, ethi, ‘Simoni, uyindodana yami endala. Uyazi, bengihlala njalo ngikholwa, Simoni, ukuthi ngiyobona uMesiya. Abantu bakithi kade beMbhekile selokhu kwasukela eEdeni. Futhi siqinisekile ukuthi Uyeza, akunandaba ukuthi yisikhathi eside kangakani. Lokho sekube yiminyaka eyizinkulungwane ezine eyadlula, uyasho. Kodwa ngikholwa ukuthi uMesiya uzofika. Futhi lonke iJuda likholiwe ukuthi liyombona uMesiya esizukulwaneni salo. Ngithemba ukuMbona esizukulwaneni sami. Kodwa kubukeka sengathi, sengigugile manje, ngifanele ngiyeke ulwandle, futhi ngithola ukuqaqamba kwami nezinhlungu, mhlawumpe angiyikuMbona ngesikhathi sami. Kodwa mhlawumbe wena uyombona, ndodana yami.

<sup>39</sup> “Futhi ngifuna ukukuqeqesha emiBhalweni. Ndodana, ngaphambi kokuba uMesiya avuke enkundleni, kuyoba khona zonke izinhlobo zezinto eziqhubekayo, zonke izinhlobo zezinto zamanga, ngoba uSathane uyokwenza lokho, ukubhubhisa ukuthonya kukaMesiya wangempela uma Efika.” Bekuhlala njalo kungaleiyondlela; kusengaleiyondlela.

<sup>40</sup> Futhi siyathola-ke, wathi, “Ngiyakhumbula wangigaxa, wathi, ‘Ndodana, yinye kuphela indlela oyokwazi ngayo ukukhomba lowo Mesiya. Manje sibe namakhulu eminyaka singenamprofethi. UMalaki wayengumprofethi wethu wokucina. Lokho sekube yiminyaka engamakhulu amane eyedlule, kade singenaye umprofethi. Kodwa khumbulani, uMose wasitshela, emiBhalweni, ukuthi, nxa uMesiya efika, Uyoba ngumprofethi, nxa Evuka enkundleni. Thina maJuda sifundiswa ukuba sikhohlwe ngumprofethi. Nohambo lukaMesiya emhlabeni luyiZwi likaNkulunkulu elikhulunyiwe, Asethembise lona. NeZwi njalo liza kumprofethi, nomprofethi uqinisekisa leloZwi. Ungalokothi ukukhohlwe lokho, ndodana! Kungahle kube nezinto ezinkulu ezivukayo, kungahle kube nemidlandla emikhulu ne—nezinto ezinkulu. Kodwa khumbula, uMesiya uyoba ngumprofethi, ngoba siyazi ukuthi uNkulunkulu akayiguquli neze indlela yaKhe, futhi wathi uMesiya uyoba ngumprofethi. Ngakho khumbula, ndodana, abaprofethi yilabo abaneZwi leNkosi. Futhi nxa uMesiya efika, Uyoba ngumprofethi.’

<sup>41</sup> “Ngisayizwa nje ingalo yakhe,” wathi Simoni, “lapho engigaxa. NoAndreyay wayemi lapho egeza inetha, ngesikhathi. Uyakukhumbula, Andreyay na?”

“Yebo, Simoni, ngi—ngiyakukhumbula.”



42 “NoAndreya ezama ukungitshela ukuthi loJohane wayengumprofethi. Nganginezinye izinto ukuba ngizenze, ngangidingeka ngithengise izinhlanzi nezinto. Ngakho ubaba sekuyiminyaka afa, kodwa bengihlala njalo ngikugcinile lokho emqondweni; ubabayi wathi, ‘LoMesiya uyoba ngumprofethi okhonjwa ngokomBhalo, futhi ngingakukhohlwa, ngoba yiZwi likaNkulunkulu elikhulunyiwe. NaleloZwi belihlala njalonjalo liza kubaprofethi; abalikhombayo, noma babonakalisa okwakwethenjiselwe unyaka.’”

43 Futhi manje uSimoni, “Ngoluny’usuku,” wathi, wathi, “uyazi, uAndreya wangicela ukuba ngiye emhlanganweni. Ngase ngehlela lapho emhlanganweni lapho loMfo, uJesu, wayekhona. Futhi ngangizwe zonke izinhlobo zabahemuhemu. Kwakukhona uJesu owavukayo, phambi kwaKhe, owethembisa ukuba wutho oluthize olukhulu, wahola amakhulu amane wawakhipha futhi onke abhubha, kanjalonjalo. Ngacabanga ukuthi kwakungomunye nje walabo uhlobo, nohlobo oluthize lomdlandla omkhulu wemvuselelo ethize, noma ihlelo elithize elikhulu ababezolenza. Kodwa ngoluny’usuku ngacabanga ukuthi ngiyohamba noAndreya lapha, umfowethu.”

44 Futhi sengathi ngiyabona, cishe ngalesosikhathi, isikebhe siqala ukuzamazama. Omunye uqala ukumemeza, futhi wathi, “Hlalani phansi! Ningasiyendezelisi isikebhe. Manini kancane. Hlalani nithule.”

45 Wayesethi, “Niyazi, ngenkathi ngehlela lapho futhi ngahamba ngabhekana naYe, okokuqala, Wangibuka ngokuqonde ngqo esweni futhi wangitshela ukuthi igama lami lalingubani. Wayengakaze angibone ngaphambilini. Akusikhona kuphela ukuthi Wangazi, kodwa Wayemazi lowo baba wami omdala omesabayo uNkulunkulu, owayengiyalile emiBhalweni. Futhi ngazi ukuthi Lowo kwakunguMesiya. Lokho kwangixazululela khona, khona lapho. Lowo kwakunguye. Lokho kwakwenza kwabanguqinisisileyo, kimi.”

46 Kufanele ukuthi kwabanguFiliphu owathi, “Ngingasho izwi lapha na?” Manje wathi, “Mfowethu Natanayeli, ungakuvumeli lokhu kukulimaze; ngoba, uyazi satadisha imibhalo egoqwayo iminyaka neminyaka, ukuthi uMesiya uyoba njani. Kodwa ngenkathi ngiMbona enza lokho, ngasubatha ngase ngilanda umngani wami lapha, uNatanayeli. Futhi ngenkathi eza neno...”

UNatanayeli wathi, “Akuxoxwe yimi. Akuxoxwe yimi.”

47 O, niyazi, kunento ethize ngokuthi nxa uJesu ekwenzele into ethize, kul’khuni nje ukuba u—ume uthule, ufanele ukuxoxe, qobo lwakho. Akunjalo na? Uma kuyinto yangempela, ufanele uyisho nje. Ngenkathi Engigcwalise ngoMoya oNgcwele, ngifuna ukuxoxa ngakho. Ngifuna omunye umuntu azi ngakho.

Hhayi ukuba kuxoxwe ngomunye umuntu; ngifuna ukukusho, qobo lwami.

<sup>48</sup> Futhi sengathi ngiyabona nje, uNatanayeli wathola konke ukuba nomdlandla wayesethi, “Niyazi, ngithanda ukusho lokhu. Ngangimanqikanqika kancane ngawe, Filiphu, ngenkathi ungitshela. Ngakubuza, ‘Kukhona okuhle okungavela eNazaretha na?’ Futhi wanginika impendulo enhle kakhulu noma yimuphi umuntu ake aba nayo, ‘Woza ubone.’” Lokho kusebenza kahle namhlanje. Kunjalo. Ungahlali ekhaya futhi ugxeke. Woza, zitholele wena, uyabo. “Wathi, ‘Kukhona okuhle okungavela eNazaretha na?’ Wathi, ‘Woza uzibonele.’ Futhi uyakwazi owawungitshele khona.

<sup>49</sup> “Futhi ngenkathi ngenyukela eBukhloneni baKhe, futhi Wangitshela ukuthi ngangi ‘ngu—ngumHeberu, umIsrayeli, futhi ngangiumuntu oqotho,’ ngakwazi lokho.

<sup>50</sup> “Kodwa ngamangala, ‘Kwakungenzeka kanjani?’ Wayebukeka njengomuntu ojwayelekile. Ngangilindele uMesiya ukuba ehle ngezingange zegolide evela eZulwini, ehlele ngqo enhlokweni yehlelo lapha, aye eJerusalema, aphume bese ethi, ‘Kayafase, seNgifikile.’ Kodwa bathola ukuthi, Uvela eNazaretha, emndenini ompofu; futhi empeleni ethe ukuba negama elimnyama emva kwaKhe, njengo ‘mntwana ozalwe ngaphandle komshado.’ Wama lapha, egqoke izingubo ezijwayelekile, hhayi njengompristi noma omunye umuntu; umuntu ojwayelekile nje. Futhi ngacabanga, ngenkathi ngenyukela lapho, ‘Lowo angaba kanjani nguMesiya na? Efake ingubo endala eyodwa, Ayeyigqoke kusukela Esengumfo omncane, futhi nansi lengubo efanayo eyigqokile; izinwele zaKhe zilenga ngemuva kuYe. Futhi njengomuntu ojwayelekile wasemgwaqeni.’

<sup>51</sup> “Futhi Wangibuka ebusweni, wayesethi, ‘Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona.’ Lokho kwakuxazululela mina. Ngazi, ngeZwi, lowo kwakunguMesiya. Lowo kwakunguYe.”

<sup>52</sup> Nesikebhe kufanele ukuthi sazamazama, nomhlangano wobufakazi wawuqhubeka. O, isikhathi esimangalisa kanje ababenaso, phandle olwandle lapho, nje benesikhathi esikhulu.

<sup>53</sup> UAndreya wathi, “Ngithanda ukusho into ethize eyathi ukungiphica isikhashanyana. Niyakhumbula ngesikhathi sa—sasehlela eJeriko? Wathi, ‘Sifanele senyuke; Ngiswelekile ukuba ngedlule ngaseSamariya.’ Ngakho, Wenyukela eSamariya futhi lapho emzini waseSikari, ngenkathi Esithuma sonke ukuba siyothenga ukudla okuwumphako ngale emzini.”

<sup>54</sup> “O, yebo, ngiyakhumbula lokho, kahle!” Bonke, “Yebo, yebo!” Isikebhe sasizamazama nje, wonke umuntu enobufakazi obumangalisayo emva kokuba sekuphele imvuselelo. Ngakho babenalomhlangano wobufakazi.

55 Wayesethi, “Yebo, futhi niyakhumbula senyuka sathi nyelele, futhi, okwasimangazayo, sabona iNkosi yethu ikhuluma nesifebe esiphawuliwe. ‘Ehhe,’ sacabanga, ‘lokho kubi. SiMbuka phandle lapho ekhuluma kulona wesifazane osemncane. Wayesesithuma, futhi nangu Uphandle lapha nalona wesifazane onegama elibi ehlezi lapha.’ Khumbulani, sasimi nje emva kwezihlahla, futhi salalela ingxoxo yabo.

56 “Futhi saMuzwa ethi kuye, ‘Sifazane, hamba ulande indoda yakho uze lapha.’

57 “Sasesithi, ‘Awu, singahle ukuba siphaphalazile, mhlawumbe owesifazane ubegane ngokusemthethweni nje.’

58 “Wayesebuye eMbuka ebusweni, wayesethi, ‘Mnumzane, anginandoda.’

59 “Niyakhumbula ukuthi izinhliziyiyo zethu zehluleka kanjani na? ‘UMesiya wethu omkhulu ebesinethemba kuye, nangu ubanjwe eqamba amanga, esimweni esibi, ngoba Wathi, “hamba ulande indoda yakho,” futhi wayephendule ngokufakaza ukuthi wayengenandoda. Manje sekubuyela kuYe.’ Niyakhumbula ukuthi sonke sabukeka kanjani simangele, nokuphefumula kwakungasekho kithi na?”

“Yebo, ngiyakukhumbula.”

60 “Futhi-ke niyawakhumbula amazwi alandelayo na? Wathi, ‘Usho iqiniso, ngoba ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo eyakho.’ O, niyawukhumbula umhlangano wobufakazi emva kwesihlahla na? He!” Niyabo, ningeke naMvalela ekhoneni. UnguNkulunkulu. “O,” uSimoni wathi, “lokho nje . . .” UAndreyana wathi, “Lokho kwangixazululela khona.”

61 UBartolomewu wathi, “Ake nime, ngithanda ukufaka ubufakazi. Ngingakwenza, bazalwane na?”

62 “O, awu, ngicabanga ukuthi ungakwenza, sinenqwaba yesikhathi. Akakenyuki namanje, ngakho sizokwenza izigwedlo ezimbalwa nje. Qhubeka, Bartolomewu, fakaza.”

63 “Awu, enye yezinto ezinkulu kimi. Niyamkhumbula udadewethu ezansi eJeriko, ongama linguRebeka na?”

“Yebo.”

“Nomyeni wakhe unesitolo othenga udlele kuso ezansi lapho.”

“Ehhe.”

64 “Futhi—futhi wayengusomabhizinisi, negama lakhe kwakunguZakewu.”

“Yebo, yebo, ngimkhumbula kahle.”

65 “Niyakhumbula, waye—wayengomunye wodadewethu. Wayekholiwe eNkosini, futhi wayesaba kakhulu ukuthi uZakewu wayezokudedela konke kwedlule engamemukelanga uJesus. Futhi, o, uZakewu wayengumngani omuhle kakhulu

kumpristi lapho. Futhi ngakho owesifazane wayekhulekela ukuthi into ethize iyokwenzeka ukuthi amehlo akhe ayovuleka, futhi aqonde ukuthi lena kwakuyiNkosi, leli kwakuyiZwi likaNkulunkulu eliqinisekisiweyo, lenziwe inyama phakathi kwethu. Futhi sazama ukumtshela owesifazane...mtshela owesilisa ngokuthi wayezazi kanjani uJesu waseNazaretha izimfihlo zenhliziyoy, ekhombisa ukuthi WayeyiZwi, ngoba iZwi lahlulela imicabango esenhliziyweni.

<sup>66</sup> “‘Umbhedo,’ washo, ‘Ngikholwa ngumpristi. Okushiwo ngumpristi kunganele kahle mina.’ Ngoba wayengowazonke i—izingubo zomuzi, amaKiwani nayo yonke enye into, niyazi, ngakho wa...kuluhlobo olulukhuni kuye ukuba akudedele. Ngakho uRebeka wayesicele sonke ukuba sikhuleke, ukuba sikhuleke. Futhi njalo sasenyukela odabeni lokuthi Wayengumprofethi, wayethi, ‘Umbhedo! Umpristi uthi, ‘UnguBelzabule. Ungudeveli. Wenza lokho ngamandla kadeveli. Futhi nje Ungumfundi wengqondo. Yilokho kuphela okukhona kukho. Akukho lutho kukho.’ Ngakho ayikho into enjalo ngalolusuku; kade singenabaprofethi amakhulu eminyaka. Futhi ubengakwenza kanjani lowoMfokazi, engenalo ngisho ikhadi lenhlanganyelo, ubengake Abe kanjani ngumprofethi na? O, akukho—ndlela Ayengaba yinto enjalo!’

<sup>67</sup> “Kodwa, niyazi, uRebeka wayelokhu ebambelele, umkakhe, futhi ekhuleka. Futhi ngokunye ukusa ngenkathi uJesu eyongena emzini, awu, khona-ke siyathola ukuthi, uRebeka wasitshela ukuthi uZakewu wayephumele e—emgwaqeni, ukuyoMbona. Ngakho wayengakholwa ukuthi Wayengumprofethi, ngakho wathi, ‘Ngizovele nje ngithole ukuMbuka kahle,’ ukuthi wafakaza kanjani kithi esitolo othenga udlele kuso ngoluny’usuku ngenkathi sidla. Ngakho wakhwela emthombeni, wayesethi, ‘Uyazi ukuthini, ngizovele nje ngizifihle phezulu lapha ukuze Engezukukwazi ukungibona. Ngingumfo omncane, empeleni, ngimfishane kakhulu. Futhi angikwazi ukuMbona ezansi lapho, esixukwini, ngakho ngizovele nje ngikhwele lapha emthini.’ Futhi wafika lapho okuhlangana khona izingatsha ezimbili—ezimbili, wayesehlala phansi lapho, ngakulezizingatsha.”

<sup>68</sup> Leyo yindawo enhle nje ukuhlala phansi bese uphinda ukufundisisa. Yilapho izindlela ezimbili zihlangana khona, eyakho nekaNkulunkulu; imibono yakho. Leyo yinto enhle, ukukucabangisisa.

<sup>69</sup> “Ngakho wathi, ‘Uyazi ukuthini, Ufanele ukuthi ubengumprofethi. Ubengaba nguye. Bekungezeka futhi bengingaba nephutha. Ngakho ngizokutshela ukuthini, ngizothola ukuMbuka kahle; futhi Akazukungazi. Ngakho ngizovele nje ngithathe onke amaqabunga bese ngiwadonsela phakathi kanje, angizungeze, futhi ngizozifihla ukuze Angezukungibona ngisho nhlobo. Futhi ngizoMbhekisisa uma

Edlula. Futhi uma Engabukeki efana nohlobo oluyilo lomuntu, ngizoMtshela ezikabhoqo, ngihlezi phezulu lapha kulomuthi.’ Ngakho wabhekisisa, futhi wayeneqabunga ukuze akwazi ukuliphakamisa futhi aMbone uma Ejika ekhoneneni.

<sup>70</sup> “Futhi uma Ejika ekhoneneni, ehla ngomgwaqo, uyazi, ebuka ngapha nangapha, nabafundi bethi, ‘Yimani eceleni. Ngiyaxolisa.’ Nabantu benabantwana abagulayo nezinto. ‘Ngiyaxolisa, iNkosi ikhathele kabi; leyonkonzo enkulu yangobusuku bayizolo. Futhi, ngokufana nomnumzane ohloniphekile, ningasiza nime eceleni futhi niMdedele edlule. Awu, Wenza indlela yaKhe ukwehlela emzini, futhi ningasiza nje nime eceleni na?’ NoZakewu ehlezi phezulu lapha emthini, ebuka phansi kuYe.

<sup>71</sup> “NoJesu uza ngokuqonde ngqo phansi komuthi, wama, wabheka phezulu wayesethi, ‘Zakewu, yehla lapho. Ngiya ekhaya nawe okwanamhlanje, ukuyodla idina.’ Lokho kwangixazululela khona. Wayazi ukuthi wayephezulu lapho, futhi wayelazi igama lakhe, ukuthi wayeyini. Lokho kwakuxazulula. Lowo nguMesiya, kimi. Yebo, mnumzane. Ngoba, siyazi ukuthi uMesiya wayezokwenza lokho. Impela. Ngakho Wadingeka aye ekhaya naye, washo, ngalolosuku ayodla idina. Isikhathi esikhulu kanje pho leso esasiyiso! Siyasikhumbula.”

<sup>72</sup> Niyazi, kufanele ukuthi kwakuthi akube ngalesosikhathi, umhlangano wobufakazi owawuqhubeka ngaso. Niyazi, lababafundi phandle lapho olwandle, befakaza, kufanele ukuthi kwakusezansi ebumnyameni bobusuku ndawondawo, enhla emazweni asenyakatho lapho, ukuthi uSathane ufanele ukuthi wasuka wenyukela egqumeni wayesebuka phansi. Wabuka kulowomhlangano wobufakazi, futhi wathola ukuthi babesuke bahamba ngaphandle kwaKhe. Lapho kwakuyithuba lakhe.

<sup>73</sup> Niyabo, ngicabanga ukuthi leyonkundla isithi nje ayibuye futhi, yaziphinda. Babenayo, emdlandleni wemvuselelo, babesuke bahamba ngaphandle kwaKhe. Futhi ngikholwa ukuthi leyo yinqwaba eyenzeke kithi namhlanje, leyo, ngalelihora lokudideka, futhi emva kwalemvuselelo enkulu esizibonele yona. Ishanele umhlaba jikelele. Zonke izizwe zibe nemililo yemvuselelo eyakhiwayo, nevuthayo; izinkonzo ezinkulu zokuphilisa; abantu bemukela uMoya oNgcwele, ngamashumi ezinkulungwane aphindwe kazinkulungwane. Nasemdlandleni wayo, njengalabobafundi befakaza ngalokho Ayekwenzile, “futhi, o, siMbonile enza *lokhu*, futhi siMbonile enza *lokho*,” Ngikholwa ukuthi sisuke sahamba njengabo, ngaphandle kwaKhe.

<sup>74</sup> Sisuke sahamba emathubeni amakhulukazi i—imvuselelo ewethulile. Sisuke sahamba emathubeni okwenza inqwaba yemali, amabandla, sakha izakhiwo ezinkulu ngokuthe

xaxa, izindawo ezinkulukazi zezigidi zamadola, izikole ezinkulu, izinqubo zezemfundo, futhi senza okwamahlalo ethu kukhule. Bese kuthi-ke sibe nezinhlalo zethu zobukhomanisi, ukuphikisana nobukhomanisi, yilokho kuphela esingakhuluma ngakho namhlanje. Nento yokuqala niyazi, uSathane usibonile ezinhlalweni zethu zokuphikisana nobukhomanisi, ezinhlalweni zethu ezinkulu zobuhlelo, nakwesethu “esinye futhi isigidi,” kanjalonjalo, njengoba benakho.

<sup>75</sup> Futhi sisuke sahamba ngaphandle kwemihlangano yemikhuleko yesikhathi sakudala nombhaphathizo kaMoya oNgewele ubuya, umlilo usuze wavuthela phansi. Ningamemeza, futhi nizame ukuthola abantu baye ealtare, futhi bavele nje benyuke sengathi cishe impela bebefile, itwetwe lokuza. Bese kuthi-ke bacele abefundisi ukuba beze bakhuleke nabo, “O, ungiceleleni lokho na?” Bese beguqa lapho, futhi kul’khuni ukuba ubathole. Futhi bayoma lapho imizuzu embalwa nje, bakubuke phezulu, bese bebuyela emuva bese behlala phansi ezihlalweni zabo. Kimina, umlilo usucumile! Ikhona into eyenzekile. Lalelani! Esikudingayo yimvuselelo, ukuthi izoni, zibuka kuKristu, ziphenduke, zigijimele ealtare nezandla zazo ziphezulu, zidazulukela isihawu, nebandla lonke liyilangabi lomlilo, ngenkazimulo kaNkulunkulu.

<sup>76</sup> Umdlalwa wethu wethuba lokwenza amahlalo ethu akhule, sakhe izikole ezinkulu ngokuthe xaxa ukufundisa abefundisi bethu imfundo, futhi sibathume baqhele kuNkulunkulu kunoma bebenjalo ekuqaleni. UNkulunkulu akaziwa ngemfundo. Akaziwa ngesayense yezenkolo. UNkulunkulu waziwa ngokukholwa. Ungeke wamchaza uNkulunkulu. Ungaphambili kokuchazwa.

<sup>77</sup> Bukani ukuthi yenzeni, thina bantu bePentecostal esasivame ukuba yiphentekoste. Abesifazane bakithi sebephungule izinwele zabo; bazipenda ubuso. Abesilisa bakithi uyakuvumela. Abefundisi bakithi bayakuvumela. Bayesaba ukusho okuthize ngakho. Ibandla lizobaxosha uma benza. O, uma singakudingi ukuhlazwa kwendlu, kusukela epulpiti kuze kuyothi ngqu endlini engaphansi. Ngamahloni. Yihlazo.

<sup>78</sup> Enye indoda ifika kimi, kungekudala, yase ithi, “Mfowethu Branham, abantu bayakuthanda.” Kodwa yathi, “Uhlala njalo ubabhavumulela, ubhavumulela labo besifazane, ngokuba nezinwele ezimfishane nezinto ezinjalo.”

Ngathi, “IBhayibheli lathi kwakuyihlazo ukuba abe nakho.”

<sup>79</sup> Uhlazisa indoda yakhe uma ekwenza. Futhi ngokoqobo kuyisibonakaliso sokuthi usukile kuNkulunkulu. Khumbulani, odabeni lukaSamsoni, izinwele ezinde zaziysisibonakaliso somNaziri ukuthi wayesukile ezweni, waya eZwini likaNkulunkulu. Futhi uma niphungula izinwele zenu, besifazane, niphika isibonakaliso senu sobuNaziri. Niye

eHollywood esikhundleni sokubuyela eBhayibhelini. IBhayibheli lathi, “Mabangagundwa.” Niyabo, kungamahloni, nabefundisi abasho lutho ngakho.

<sup>80</sup> Lendoda yathi kimi, “Awubayeki ngani labo besifazane na?” Yathi, “Bakuthatha njengomprofethi.”

Ngathi, “Angizange ngithi ngangingumprofethi.”

<sup>81</sup> Yathi, “Bakuthatha ngokuthi uyilokho. Bafundise ukuthi zemukelwa kanjani iziphiwo zokomoya futhi benze okuthize. Ubufanele ubafundise izinto ezinkulu, izinto eziphakeme.”

<sup>82</sup> Ngathi, “Ngingabafundisa kanjani ialjebhra bebe bengayikufunda ngisho no ABC babo, ukuthi bahlale kanjani behloniphekile na? Uzokwenza kanjani na? Ya, yehlela entweni yokuqala.”

<sup>83</sup> Unyaka nonyaka, ngingamula esizweni, futhi kuya ngokuba kubi ngaso sonke isikhathi. Kukhona okuthize okungalungile ndawondawo, akukanye neZwi. Akumangalisi singakwazi ukuba nemilo yemvuselelo ivutha. Sidinga isikhathi sokuhlanzwa kwendlu. UNkulunkulu akasoze akwenza lokho size sibuye futhi. Sidinga isikhathi sokuhlanzwa kwendlu.

<sup>84</sup> Nawe wena wesilisa, uyodedela umkakho enze into enjengaleyo, agqoke izikhindi! Lawo akusiwo amaMethodisti, amaBaptisti. Lokho ngamaPentecostal, kunjalo, “isimo sokumesaba uNkulunkulu, uNyaka weBandla laseLawodikeya, elisivivi,” iPhentekoste ngegama, yilokho kuphela. IPhentekoste akusilo igama, yisehlakalo sombhaphathizo kaMoya oNgewele, ohlanzisa abantu. Akumangalisi singakwazi ukuba nezinkonzo ezinkulu zokuphilisa nezinto, kukhona okungahambanga kahle ndawondawo. NguSathane, wasibona phandle sizama uku . . .

<sup>85</sup> “Awu, sisho noma yini ngakho, bayoshintsha ubulunga babo.”

<sup>86</sup> Khumbulani, aniwatotosi amaKristu. AmaKristu amigoxigoxi. Angabesilisa nabesifazane bakaNkulunkulu, abamela uNkulunkulu, kungakhatheliki ukuthi noma ubani omunye uzothoni. Awudingi ukuba ubancene nokubavumisa, nokubaqhola nokuhamba ubatotosa. Leso yisihlumisela-mbewu, izintshalo ezibhasteliwe, akulungile nhlobo, azisoze zakhiqiza lutho.

<sup>87</sup> Kungikhumbuza, njenge . . . Masinya kuba yisikhathi sokwakhela isidleke. Ngigaphele izinyoni ezincane namhlanje, laphaya, imizwilili emincane iphethe utshani ibufaka ezidlekeni zayo. Akuzukuba kade ize yakhele isidleke, yenza amaqanda ayo amancane ukuba achanyuselwe. Niyazi, inyoni encane ingaba nesidleke samaqanda, futhi ingahlala kulesosidleke samaqanda, futhi iwaphendula njalo ngemizuzu embalwa; ithathe izinyawo zayo ezincane futhi iwaphendule, futhi ihlale

lapho. Manje, uma idedela lawomaqanda abande, emva kokuba eseke afundunyezwa, awazukuchanyuselwa. Futhi isuka indize nje bese ithola umthamo wokudla, bese ibuyela ngqo kuwo futhi.

<sup>88</sup> Futhi niyazi, leyonyoni endala engumama, ibingahlala lapho phezu kwalawo maqanda, futhi iwaphendule njalo emizuzwini emibili, futhi inga...ngisho izinikele futhi izile ukudla ize ihlupheke kakhulu ingakwazi ukusuka esidlekeni. Kodwa ngaphandle uma, ngaleyonkathi, leyo nyoni engumama ibixhumene nenyoni eyiduna, lawo maqanda angeke achanyuselwa. Akunandaba ukuthini, ukuthi uwatotosa kangakanani, awayikuchanyuselwa. Ayolala esidlekeni ngqo futhi abole.

<sup>89</sup> Futhi uma sake sabakhona isikhathi ukuthi iPhentekoste ibifanele ukuba noMata, uJesu Kristu; ngoba asitholi lutho kuphela isidleke esigcwele amaqanda abolile, siphika uKholo, siyongena eMkhandlwini weNkolo yonke yobukristu, futhi siwubiza ngezinto ezinkulu, ukuhlala eceleni kukaphapha, futhi sithi “kungokukamoya.” Yini indaba ezweni, nina bantu bePentecostal na? Anazi yini ukuthi iBhayibheli lakhuluma ukuthi lezozinto ziyokwenzeka na? Futhi siyampompoloza ngoba amaMethodisti namaBaptisti ayangena, bese kuthi-ke zonke lezi ezinye izinto ezinjalo. Aniqondi yini ukuthi ngenkathi izintombi ezilele zifika ukuthenga amaFutha, lelo kwakuyilo impela ihora uMyeni afika ngalo na? Futhi aziwatholanga amaFutha! Niyazi, uHlwitho luyofika ngokuyimfihlo kakhulu, nokumuka, ngezinye zalezizikhathi, aniyikukwazi ngisho nokuthi kuyenzeka. Liyobe selihambile, futhi niyomangala ukuthi ngabe kwenzekeni.

<sup>90</sup> NjengoJohane wafika emhlabeni. Futhi bathi kuYe, bathi, “Awu, iBhayibheli lathi, uEliyase umele ukufika kuqala.” Wathi, “Usevele ufikile, futhi anikwazanga.”

<sup>91</sup> Ngakho kuyoba njalo, ngoluny’usuku, bayothi, “Bengicabanga ukuthi lokhu kwakuyokwenzeka ngaphambi kwesikhathi sokuHlupheka. Bengicabanga ukuthi uHlwitho lwaluyokwenzeka.” Amazwi abeyobuya, “Seluvele lwenzekile futhi anilwazanga.” Ehhe. Kungahle kube leyithi kunoma ucabanga. O, vukani, bandla! Kungcono ngikuyeye lokho; angizeli nhlobo lapha imfundiso, bengicabanga nje ukuthi ngizobhobozela lokho phakathi nje ukuze nizoba nakho lokho eceleni.

<sup>92</sup> Khumbula, mfowethu, uSathane uzibonile lezizinhlelo ezinkulu, ibandla elilodwa lizama ukwedlula elinye, ihlelo elilodwa lizama ukwedlula elinye, lihlahakula konke ukungafundi futhi befanele babanike ukuhlolwa kwengqondo, babenesazi esiphathelene nengqondo ukuba sihlole indoda ngaphambi kokuba iye emasimini ezimishini. IPhentekoste! Qhabo, leyo—



leyo—leyo akusiwo amaPresbyterian, lelo yiPhentekoste. Ukuhlolwa okuphathele nengqondo kudingakele iqembu elithize lamaPentecostal, iqembu elikhulu, ngaphambi kokuba izithunywa zenkolo zingathatha insimu.

<sup>93</sup> Uma ke bebenokuhlola okunjalo na? Banokuhlolwa. Kwakungukuhlolwa kwephentekoste ekuqaleni, ngenkathi babelinde ekamelweni eliphezulu kwaze kwafika uMlilo uvela Phezulu, naMandla kaNkulunkulu. Lokho kwakungukuhlolwa.

<sup>94</sup> Hhayi othize wezwe, isazi esihlola okuphathele nengqondo esidakwe uhhafu simile lapho sizama ukucabanga, uma uthe ukuxhuxhuma kancanyana, noma into ethize, uthi, “Nonke kanyekanye nithukululiwe.” Ngenkathi, kufakazisa ngokwangempela ukuthi indoda engeyokomoya kakhulu inokwethuka, ifanele ibe kulesosimo ukungena kuKho. Ngakho nakho lapho okhona, uyabo, futhi nje kuhliphiza lokho uNkulunkulu azame ukukwenza iminyaka, futhi babuya ngqo ngale nezinhlelo zabo nokwabo okukhulu. . .

<sup>95</sup> Banomdlandla uma bebona inqwaba yabantu ihlangana ndawonye. Bathi, “Uma ngingabenza ama Assemblies bonke! Uma ngingabenza iOneness bonke! Uma ngingabenza amaMethodisti bonke!” IMethodisti izama ukwenza bonke babe iMethodisti, iBaptisti izama ukwenza bonke iBaptisti, amaPentecostal bonke amaPentecostal! O, ungeke wenza lutho ngakho, uNkulunkulu wabagcoba labo kusukela ekusekelweni kwezwe. Sifanele sishumayele iVangeli. Yilokho kuphela. Kodwa, izinhlelo zethu ezinkulu, sisukile sahamba ngaphandle kwalowoMlilo. Sisukile sahamba futhi sazenzela umlilo owenziwe ekhaya, njengoba kwakunjalo.

<sup>96</sup> Futhi ubukhomanisi bethu, manje sesaba kakhulu, ubukhomanisi bungenile, “Kuzokwenzekani na?” Kodwa, niyazi, into enkulu akusibo ubukhomanisi. Ngivumeleni nginitshele lokho manje, angibesabi ubukhomanisi.

<sup>97</sup> Kodwa engikwesabayo, nina maPentecostal, loMkhandlu weNkolo yonke yobukristu uzonithatha. Yileyo into. Kuzobumba uphawu lwesilo, futhi nizofanele niyongena kulo. Ngoba niyinhlangano, kufanele ningene noma niphume. Yileyo into, futhi noma yimuphi omuhle, onengqondo, umuntu wokomoya uyakwazi lokho. Sidinga obunye ubufakazi baphezu kolwandle, siyakuthola manje. Futhi iPentecostal yethu, ikugwinya nje, ihhuku, ulayini nesizikiso, “Kuyoba yinto enkulu kanjani.” Ngenkathi, iMethodisti, iPresbyterian, iLuthela, ichurch of Christ, namaPentecostal, niyodingeka niphike—niphike isifundiso senu esikhulu sobuphostoli, ukube nibe phakathi lapho. Bayodingeka benze into efanayo. Akukho lutho oyofanele ukwenze kukho. Konke ukuqinisana neRoma, nje khona impela okufakazisiwe. UmBhalo washo njalo.

<sup>98</sup> Yini indaba ngabashumayeli abavumela lezizinto zingene kulesisimo, ngaphandle kokuxwayisa abantu na? UNkulunkulu uyokubiza ezandleni zabo. Ngaso ngqo lesisikhathi senkathazo, babesenkathazweni, babekuyo. Ubukhomanisi bungangeni; nguMkhandlu weNkolo yonke yobukristu ozogwinya sonke isigejane. Futhi khumbulani, uma nithi, “Ngeke. . .” Kuyenzeka, khona-ke sekuleyithi kakhulu. Senivele niluthathile uphawu lwesilo. Seningowaso-ke.

<sup>99</sup> Kungcono ubelapho ongakwazi ukusuka khona kukho manje, yebo, mnumzane, ubekwe uphawu eMbusweni kaNkulunkulu. UMzimba kaKristu unguMzimba kaKristu ofiphele, obhaphathizelwe kuWo ngoMoya oNgcwele; hhayi ohlanganiswe kuWo, ongeniswe kuWo, kwakhulunywa naWo, kwakhulunywa ngezilimi kuWo, kwamanyezwa kuWo. Uzalelwa kuWo, ngoMoya oNgcwele. Kunjalo. Impela.

<sup>100</sup> Manje siyaziqaphela lezizinto, inkathazo iyafika khona manjalo. O, udeveli wabuka ngale wayesethi, “Ehhe, basukile bahamba ekufuthekeni ngolaka, baphandle lapho nje begxumagxuma, bememeza, benesikhathi esikhulu. Uyazi ukuthini, khona manje yisikhathi sami sokubacwilisa. Ngizohambisana ngisho nabo manje.”

<sup>101</sup> Ngakho wasukuma phezu kwegquma futhi waqala ukuphephetha umoya wakhe owuphoyizeni, whewu, “Izinsuku zezimangaliso sezedlule. Emva kwakho konke, ngikholwa ukuthi lababantu banokwethuka nje. Ngicabanga ukuthi bebefanele babenokuhlolwa kwe—kwe—kwengondo ngaphambi kokuba bathathe amasimu akwelinye izwe.” MaPentecostal! Ehhe. Niyawubona umoya wakhe owuphoyizeni ubulala iZwi, “O, ngicabanga ukuthi Kuyinto ethize enye, ngi—ngiyakukholwa. . .” Niyabo, kubuyela emva ngqo njengoba akwenza onke amahlelo, yileyondlela impela nje abahamba ngayo. Bayo, kuyakubulala. Lona impela ihora okuhlela ngalo, lokho kuyakubulala. Bekulokhu kukubulala. Kuyohlala kukubulala. Akusoze kwavuka futhi. Akukaze kwaziwe emlandweni. Ku—kuloNyaka weBandla laseLawodikeya, uKristu wayengaphandle kwebandla, engqongqotha, ezama ukungena. Futhi nje abakwazi ukuKumela. Angeke baKulalele. Manje siyathola, ihora esiphila kulo, inkathazo ingenile.

<sup>102</sup> Futhi khona-ke siqala ukuthola, izimangaliso asisenzeki, njengoba zazinjalo. Abagulayo baya ekhaya begula. Akungenxa kaNkulunkulu. Kungenxa yokushoda kwemvuselelo phakathi kwabantu. Akukho-mvuselelo. Ba—bayahlala balalele; baye ekhaya, bathi, “Awu, ngiqagele lokho bekukuhle kakhulu. Ehhe.” Niyabo, ayikho leyo ntshisekelo. Ayikho leyonto ethize kubantu efanele ibe lapho.

<sup>103</sup> Ngiyakhumbula eminyakeni eyishumi nanhlanu edlule, lapha eArkansas, ngenkathi nganginomhlangano

omncane phezulu lapho eJonesboro, ngenkathi cishe abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amane bezama ukwethamela lena, beza emhlanganweni edolobheni labantu cishe abayizinkulungwane eziyishumi nanhlanu. Futhi balala ngaphansi kwamatrakhi kakotini nayo yonke into, futhi bebambe amaphepha phezu kwabantwana babo abagulayo, nje ukuba bangene ngaphakathi. Bahlala ezihlalweni zabo futhi babengasuki, imini nobusuku, futhi babenabathandiweyo babo ukuba bahambe beyobatholela ihembeka ne—nebhodlela lokuphuzwayo okuhlihlizayo; futhi bahlale lapho, mihla namalanga, mihla namalanga. Izinhliziyo zabo zazivutha, emlilweni. Into nje encinyane encane uNkulunkulu ayenza, yayibokhela. Futhi amakhulu abo ayangena.

<sup>104</sup> UsenguNkulunkulu ofanayo, kulobubusuku, Ayenguye eminyakeni eyishumi nanhlanu edlule. UsenguNkulunkulu ofanayo, kulobubusuku, Ayenguye ngenkathi Edala amazulu nomhlaba.

<sup>105</sup> Kodwa kuyini na? Sibe nawo wonke umdlandla futhi safuna ukwakha sikhuphule izinhlangothi zethu, safuna ukwakha sikhuphule *lokhu*, nokwakha *lokhu*, futhi senze into ethize enkulu necwebezelayo, kuqhathaniswa noJoneses, namaMethodisti, namaBaptisti, nePresbyterian. Awusiwo owabo. Qhobo, awusiye. Bangabantu behlelo, okungukuthi kulungile, akukho lutho okuphambene nabo. Kunengqwaba yamaKristu akahle phandle phakathi kwabo, kodwa awufanele uzihlanganise wena uqobo kulawo maqembu angakhulwayo. “Abantu abaphika aMandla akho,” awufanele ukuchema nabo.

<sup>106</sup> Niyazi, inkathazo yakho ngukuthi, nizama ukungenisa iHollywood ebandleni. Into ebenifanele nizame ukuyenza ngukukhipha iHollywood ebandleni. Niyabo? Nizama ukwenza isakhiwo senu sibe sihle kakhulu, nizama ukwenza ihlelo lenu libe likhulu kakhulu, lize lihehe ukunaka kwabantu. Angeke sawelela ohlangothini lwabo. Sifanele sibe nabo ohlangothini lwethu. Yonke into icwebezela, khumbulani, iHollywood ibenyezela ngokwezwe, ngenkathi iVangeli likhazimula ekuthobekeni. Kunomehluko impela phakathi kokucwebezela nokukhazimula. IVangeli likhazimula ekuthobekeni, nobumnene, nokuzithoba, namandla. Ngenkathi, iHollywood icwebezela, futhi wonke umuntu ekhuza ihure futhi empongolozu, futhi eya kukho. Niyabo? Asikudingi lokho.

<sup>107</sup> Sifuna ukuphila ukuKhanya okunjalo. Wathi, “Nina ningusawoti womhlaba.” “Uma usawoti edumele,” lokho ngamandla awo eVangelini. Sifanele sibe nento ethize inyakaza emabandleni ethu, ukuthi amaMethodisti, amaBaptisti, amaPresbyterian, nawo onke, ayolangazelela ukuza. Sifanele sibe nobusawoti kakhulu! Usawoti wenza ukoma, udala ukoma. Usawoti uyisinongo, uma uhlangana. Ufanele uhlanganiswe.

108 Futhi manje siyathola, ukufutheka ngolaka kwethu okukhulu sizama ukukuqhathanisa neMethodisti neBaptisti, ngezakhiwo ezinkulu nezindawo ezinkulu, nabantu abakahle abafundile, nezikole ezinkulukazi namakholiji amakhulu kakhulu, nayoyonke into kanjalo. Sisuke sahamba ngokufutheka ngolaka, futhi lapha inkathazo ingenile.

109 Futhi umqondo wokwenyama uyaqalaza futhi uthi, “Lapha, awulinde umzuzu lapha, ngabe sonke sizofanele sithathe lowoMkhandlu weNkolo yonke yobukristu na? Ngabe lonke iqembu lethu lonke liyongena kukho na?” Impela, nyahamba. Kunjalo impela. Bhekisisani futhi nibone uma ningangeni. IBhayibheli lathi niyongena, impela, noKristu uyoba ngaphandle. Inyanga yazenza yabamnyama qobo lwayo phandle phambi kukaphapha (owokuqala owake waya eRoma), ngobunye ubusuku, inikhombisa isibonakaliso emazulwini. Kungabikezelwe ngaphambili, kwakwenza. Ukuthi iNkosi izenza kanjani izinto kulolusuku, isimangaliso!

110 Khona-ke kulelihora elikhulu lobumnyama, ngenkathi babelapho, imimoya evunguzayo iyaqubuka. Onke amathemba okusinda lase lingasekho. Manje niyokwenzenjani uma ihlelo lenu liyongena eMkhandlwini weNkolo yonke yobukristu na? Kuzokwenzekani-ke kuzo zonke izinto zethu ezinkulu esizakhe lapha emhlabeni, ithemba lokugcina lingasekho na?

111 Kodwa niyazi, lapho nje sebezodazuluka, nawo onke amathemba lalingasekho, babengeke basinde; futhi khona manjalo, baMbona eza, ehamba phezu kwamanzi. Ngehora lobumnyama, Wafika, ehamba engena.

112 Niyazi ukuthini? Ngenkathi Ebashiya, Wayazi ukuthi lokho kwakuzokwenzeka, ngakho Wenyuka igquma eliphakeme kunawo onke elalikhona ezweni. Uma wenyuka kakhulu, ungabona kude. Futhi Wenyuka ukuze Akwazi ukubabhekisisa, niyazi.

113 Futhi Wayazi ukuthi lokhu kwakuza. Walibikezela ngaphambili lolusuku ukuba lube lapha. “Njengoba kwakunjalo ngemihla yaseSodoma, kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, lapho iNdodana yomuntu yembulwa.” Khona-ke, iNdodana izofanele yembulwe. Lesisizwe esibi nesiphingayo siyofuna isibonakaliso. Siyoba nesibonakaliso. Siyosinqaba njengoba benza ngaleyonkathi, kodwa siyoba yisibonakaliso sokuvuka. Usaphila, enza njengoba Enza.

114 Siyathola, ukuthi kulelihora elikhulu, labobafundi bonke bebanga usizi, Wenyuka ukuze Ezobabhekisisa. Wayehlezi phezulu egqumeni, ebabhekisisa.

115 Futhi manje Akenyukanga intaba ngalesisikhathi, kodwa Wenyuka esuka ethuneni, wenyuka wadabula emoyeni, ngaleya kwenyanga, izinkanyezi, waze Wahamba wenyuka kakhulu waze Wadingeka abuke phansi ukuze abone iZulu. Futhi nango

Uhlezi, kweliPhezulu. Manje iso laKhe lisemzwililini, futhi ngiyazi Uyasibhekisisa. Uyabhekisisa.

116 Futhi khona lapha kulelihora lobumnyama, lapho amabandla lonke selingene ezinhlelweni ezinkulu, futhi banalolu hlelo nalolo hlelo, lonke luhleliwe njengoba onke amabandla enjalo, amahlelo. Futhi kwenzekeni na? Ngehora lobumnyama, ngenkathi abantu bangempela abagwaliswe ngomoya bemangala, “Kuzokwenzekani na? Buka abantwana bami!” Indoda ithi, “Buka umkami! Buka lokhu!”

117 Futhi bakhapha iSonto, noma umhlangano womkhuleko wangoLwesithathu, kuse eli, ukuze bezokwazi ukuyobuka u *Siyamthanda uSucy*, noma into ethize enjalo, kwithelevishini. “Abathanda izwe, kunokuthanda uNkulunkulu.” Benza njengabo.

118 Ngatshela inenekazi ngeliny’ilanga, laligqoke lizimpintshe kakhulu engutsheni yalo. Ngathi, “Dadewethu, leyongubo iyakumpintsha kakhulu. Kungahle kungezwakali kahle kimi ukukutshela lokho, kodwa iyakumpintsha. UngumKristu, futhi uzokwenza isikhubekiso.”

119 Lathi, “Awu, Mfowethu Branham, uyazi ukuthini?” Lathi, “Lolu yilona hlobo kuphela abalwenzayo.”

120 Ngathi, “Basazidayisa izimpahla, futhi banayo imishini yokuthunga. Akukho-zaba.” Ya.

121 Lalela, ake ngikutshele okuthize, mngani wami othandekayo. Ngingakhombi wena. Qhabo, mnumzane. Ngizama ukukususa ekuhlushweni. Inqobo nje uma lowomoya usekuwe, uzokwenza. Kunjalo. Ufanele uzalwe ngaphandle kwakho. Manje ungazibonela wena kulokho kuphawula, kodwa ake ngikutshele okuthize, uyabo, “Lokho inhliziyu yakho eyikho, igugu lakho lilapho futhi.”

122 Ake nginitshela. Ungahle nje ubemsulwa nje njengomnduze kumyeni wakho, futhi ungahle nje ubemsulwa nje njengomnduze, ntombi, esokeni lakho, kodwa ngoluny’usuku uNkulunkulu uyokwenza uphendule ngokuphinga. Unecala uma ugqoka kanjalo. UJesu wathi, “Obuka owesifazane amkhanuke, usevele uphingile naye enhliziyweni yakhe.” Futhi uma leyondoda iyofanele iphendule, lesosoni, ngokukubuka, ngokuphinga, ubani owakuveza kuye na? Kucabange. Nina besifazane bePentecostal, ngiyanidabukela! Niyabo? Ngiyanidabukela!

123 Ngiyanithanda, yingalesosizathu ngisho lokho. Uthando luyaqondisa.

124 Sisekufuthekeni kolaka okukhulu, ukufutheka ngolaka kwengubo okukhulu. Kufana nokuthi nje, nokufana nokwenziwe ifeshini, izwe. Wathi, “Ningalithandi izwe, nazinto zezwe; uma nikwenza, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho

kini,” angikhathali ukuthi nikhuluma kakhulu kangakanani ngezilimi, nigxumagxume, nisine; nigunde izinwele, nigqoke izingubo kanjalo. Wena wesilisa uyakuvumela. Izithelo zakho uqobo ziyakutshela ukuthi ukuphi. Kunjalo impela. Akumangalisi sisenxushunxushwini engaka njengoba sinjalo, nemimoya evunguzayo yobukhomanisi, imimoya evunguzayo yobusonto, imimoya evunguzayo yenhlangano yenkolo yonke yobukristu!

<sup>125</sup> Yi—yisikhathi sokujoyina, isikhathi sokwenza izinyunyana. Izinyunyana zenza ubunyunyana bezisebenzi, beqophisana ngakho. Izizwe zine—neNhlango yeZizwe, bayahlangana. Amabandla ahlanga ndawonye. Kukhombisani konke na? Kukhombisa ukuthi uKristu noMlobokazi ulungiselela ukuhlanga. Kukhuluma ngalokho-ke. Zonke lezizithunzi zezinto zikhombisa ukufika okuyikho ngempela. Bhekisisani manje njengoba sivala, ngoba ngishiywa yisikhathi kakhulu.

<sup>126</sup> Futhi manje qaphelani, ngalelohora elikhulu ngenkathi lonke ithemba lingasekho, lokusinda, babone uMuntu mumbenze, ehamba phezu kwamanzi, ehamba enyuka. Nento, ingxenye edabukisayo, lalélisisani, into kuphela eyayingabasiza, babeyesaba. Bathi, “Ibukeka isasithunzi. Ingahle ibenjalo, niyazi, isithunzi.”

<sup>127</sup> Uma lokho kungenzekanga futhi! BayaKwesaba. Besaba ngokubhula, besaba uhlobo oluthize lwamandla kadeveli; ngenkathi uJesu ethe Kuyokwenzeka ngalolusuku. Into kuphela engabasiza nguJesu Kristu. Hhayi elinye ihlelo, hhayi onke ejoyinana ndawonye; lokho kuzokwenza nje kube kubi kakhulu kunanini. Into kuphela enganisa nguJesu Kristu.

<sup>128</sup> Futhi ngenkathi Ethembisa ukubuya ngezinsuku zokugcina, kulesisimo, futhi enze lokhu, ethembisa (njenganje ngaphambi kokuba indodana ethenjisiwe ibuyele kuAbrahama, inzalo yokuqala) inzalo kaAbrahama yobukhosi, uJesu uyo... wathi iyobona into efanayo. Ngaphambi kweNdodana ethenjisiwe, uNkulunkulu uyoZibonakalisa enyameni futhi enze impela njengoba uJesu enza, njengoba Athi Uyokwenza, njengoba nje athi kuyokwenziwa ngezinsuku zokugcina. Futhi lapha zonke lezozithembiso, esingazeneka, ngamadazini, khona lapha phambi kwenu, ukuthi lokhu kufanele kwenzeke.

<sup>129</sup> Namabandla, abefanele ukuvula izingalo, ukuba aKwemukele, “Ngiyakwesaba kancane Lokho. Akusikho okweqembu lethu, niyabo.” Futhi bayaKwesaba. Into kuphela engabaletsa kuKristu, nguKristu uqobo lwaKhe, futhi bayesaba ukuthi Kuyesabisa. “O, angazi. Lokho kungahle kube ngokufakwe umoya, niyabo. Futhi angazi ngaKho.” Ukwesaba into kuphela engabasiza.

<sup>130</sup> Futhi kulelohora elimnyama elibanga usizi, lawo ibandla elikhethiwe, leloqembu lihlezi phandle lapho, besaba ukuthi

kungahle kube ngokusasipokwe, babengafuni ukuzihlanganisa ngalutho nakho. Kwase-ke kufika leloPhimbo elimnandi, “Ningesabi. YiMina.”

<sup>131</sup> UyiZwi. Akasilo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Akaguquki neze, ukuba yiZwi. Manje anilizwa yini iZwi lithi, kulobubusuku, “Nguye izolo, namuhla, naphakade. Ningesabi; yiMina?” [“Amen.”]

Asikhothamise amakhanda ethu.

<sup>132</sup> Baba waseZulwini, i—ikusihlwa liyashisa. Amahora amnyama, ukuthi uMlilo usuke kanjani ealtare. Uyakhotohoza ensimini yonke. Wathi, “UMbuso ufaniswa nomuntu owathatha inetha wayeseya olwandle, wayiphosa phakathi, futhi ngenkathi eseyikhipha. UMBuso wawufana nalokho.” Nkosi Nkulunkulu, sukulumbe leyonhlanzi yokucina ekulawo manzi! Wathi, “Bathathe lonke uhlobo.” Lelonetha leVangeli libamba lonke uhlobo; labamba izimfudu zasolwandle, isikhuphashe, izilwembu, izinyoka, izinhlanzi ezingumthuthambi. Asazi ukuthi ibambani, kodwa kwakunezinhlanzi ezithize lapho Owawuzifuna. NguWe ongumeHluleli. Kodwa siyaqonda, ngokushesha ufudu lwasolwandle, isikhuphashe, nakho konke, kubuyela emgodini onodaka futhi, kubuyela emanzini amaningi. Kodwa suku lumbe leyonhlanzi yokucina egcotshiwe, emiselwe ngaphambili ukuba ize, leyongxenye yokucina yoMzimba, iyokhishwa kulelochibikazi.

<sup>133</sup> Waphosa inetha ngezinsuku zikaLuther, noWesley, uAlexander Campbell, uJohn Smith, uCalvin, uKnox, uFinney, uSankey, kanjalonjalo; onyakeni wamaPentecostal, izinsuku zikaF.F. Bosworth, noFrochman, lawo madoda amakhulu. Waphosa amanetha, izinsuku zikaBilly Sunday, kwehlele njalo onyakeni.

<sup>134</sup> Futhi manje Usalokhu ufunisisa olwandle. Ngabe ukhona oyedwa wabo ohlezi lapha kulobubusuku, Nkosi na? Uma ekhona, kwangathi bangaba njengalowo wesifazane omncane emthonjeni. Ngisho nasesimweni sakhe esifebile, wayesalokhu eqonda ukuthi WawunguMesiya. Wasibona lesosibonakaliso. Leso kwakuyiso. Wathi, “Ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena.” Wayengenamqondo ukuthi kwakungaba nguMesiya. Wathi, “Sibheke uMesiya,” ngamany’amazwi. “Siyazi nxa uMesiya efika, Uyositshela lezizinto.” Futhi Wena wathi, “NginguYe.” Kwakuyilokho.

<sup>135</sup> Manje, kulobubusuku, Nkosi, mabakubone lokho, “YiMina; ningesabi. Yisithembiso saMi.” Philisa abagulayo, Nkosi, sindisa abalahlekileyo, gcwalisa abangelalutho.

<sup>136</sup> Kwangathi singamuka kulobubusuku, futhi sithi phakathi kwezinhliziyi zethu, njengoba simuka, njengalabo ababevela eEmawuse, “Izinhliziyi zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu lapho Esikhonza kulobubusuku endlini,

uBukhona baKhe bobuNkulunkulu!” Ukuthi bazi kanjani ukuthi kwakunguWe, baKumema ukuba ungene namehlo abo ayavuleka. Kwangathi thina sonke, kulobubusuku, singaKumema ungene. Uma singaKuqondi, kwangathi singamema Wena ungene, noma kanjani. Yiyona ndlela kuphela Ongazembula ngayo Wena uqobo.

<sup>137</sup> Futhi siyaqaphela indlela Owazembula ngayo Wena uqobo emva kokuvuka kwaKho, Wenza into ethize ngendlela efanayo Owayenza phambi kokubethelwa kwaKho. Manje woza kulobubusuku, Nkosi, Wathi Wawu “nguwe izolo, namuhla, naphakade.” Yenza futhi, wenzele thina, njengoba Wenza ngezinsuku ngenkathi Umi lapha enyameni, emhlabeni. Sizoya ekhaya, senamile, njengalabo. EGameni likaJesu siyakhuleka. Amen.

<sup>138</sup> Manje enkonzweni, kulobubusuku, ngiyazi kufudumele kabi, futhi sinemizuzu engamashumi amabili ukuba siphume ngesikhathi. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Ngi. . .

<sup>139</sup> Ngeke ngamisa noma ngivimbele izinto engizenzayo. Ngiqhutshwa yiNto ethize, kade ngiqhutshwa njalo, yonke impilo yami, futhi Ibihlala njalo iqinisile. Ayikaze ingitshela lutho kodwa lokho okwakuseBhayibhelini. Angikwazi ukukumisa. Akukho engingakwenza ngakho. Kuyakwenza nje, noma kanjani. Futhi ngiqinisekile, uma ngilalela, bekukhona umuntu mumbe okudingayo. Futhi ngizothembeka. Futhi ngaloloSuku, ngifuna ukuba, njengalowo Pawulu oNgcwele omkhulu wathi, “Akukho-gazi lamuntu elisesandleni sami.” Hhe-e. Ngi—ngifuna ukunitshela iQiniso. Hhayi njengoba ngi. . . Ngiyanithanda.

<sup>140</sup> Futhi uma ubunomfana omncane. . . Manje kucabange, nenekazi, wena engikuthethisile esikhashaneni esedlule, nina bodade eninezinwele eziphunguliwe nezinto. Uma ngi. . . Ukuba ubunomfana omncane ohlezi phandle emgwaqeni, futhi wathi, “Junior, s’thandwa, bekungcono ungene, s’thandwa. Kungahle kube njalo, angazi, mhlawumbe bazoshayela ngakuwe.” Awumthandi lowomntwana. Kunjalo. Uzophuma lapho futhi usihlubule isikhumba sisuke kuye, noma umenze angene. Kunjalo. Uyamthanda.

<sup>141</sup> Lingaleyondlela iVangeli. UNkulunkulu uyanithanda. “Futhi labo Abathandayo, Ulaya futhi asole wonke umntwana oza kuYe.” Uma ningenakukumela ukulaywa, nisuke nihambe futhi nithukuthele ngakho, khona-ke ningabantwana abazelwe ngaphandle komshado, anisibo abantwana bakaNkulunkulu. Ngakho khumbulani nje, ngumBhalo nje.

<sup>142</sup> Manje izwi elivela kuYe, izwi elilodwa, liyosho okukhulu kunoma bengingalisho, ezikhathini zempilo eziyisigidi. NguYe. Siyasazi isithembiso saKhe. Siyazi ukuthi yini Athembisa ukuyenza. Manje angazi noma. . . kwenze. . . sizosuka e. . .



143 Ngabe uwakhiphile amakhadi omkhuleko futhi na? Uwakhiphile amakhadi omkhuleko namhlanje na? Beliyini na? U J, kulungile. Kulungile, ukonga isikhathi, asiqale nje kwelokuqala. Manje, mhlawumpe andawo zonke endlini. U J, wokuqala.

144 Futhi manje sinasabalele. Siqale, kanye, *kuleli*, isikhathi seseqile, amanye emuva naphambili, namacala onke, kodwa siwathole esabalele ngapha. Kodwa bonke abantu abangenayo, nsuku zonke, banethuba lokwenyukela emgqeni. Lokho akusho ukuthi ngoba ulapha . . .

145 Bangaki owaziyo, kulomhlangano, kube cishe nabaphindwe kabili abaningi abaphilisiwe laphaya ezethamelini, njengoba bephiliswe phezu lapha na? Impela, niyakwazi. Niyabo, ikhadi lomkhuleko kalula nje lingukwenyusela abantu lapha, bathole uMoya oNgcwele phakathi kwabo, ukuze nikwejwayele ukwenza lokho. Asidingi ngisho nokuba sibe nalo khona manje. Singaweqa amakhadi omkhuleko.

146 Njengoba senzile nje izolo ebusuku, asizange sibe namakhadi omkhuleko izolo ebusuku. UMoya oNgcwele uphumele phakathi kwalabo abebengenawo amakhadi omkhuleko. Futhi ngibone izinto eziningi engingashongo lutho ngazo, ngoba bengingazi noma bekunjalo noma qha. Bekuyilokhu kubambe ubumnyama phezu kwabo, futhi nje ngivele ngakuyeka kanjalo. Bengingazi. Bekungesize ngalutho ukubabiza. Noma yini Ayishoyo iqinisile, ngakho kulaleleni Akushoyo.

147 Manje uthe lowo bekungu J na? U J, wokuqala. U J, wokuqala, ubani onekhadi lomkhuleko, phakamisa isandla sakho. Ufanele ukuthi uyaphaphalaza, ndodana; kufanele kube namanye . . . O, ngiyaxolisa. O, emuva le ngasodongeni ngemuva. Yenyukela lapha, nenekazi. Be—behlisa lamakhadi nje manje, umfana, uMfowethu Borders noma uBilly, oyedwa, ngezinye izikhathi bobabili, baxubanisa lawomakhadi phambi kwenu, bese-ke bekunikeza ikhadi lakho, noma yini oyifunayo. Asazi, nje ba . . . *Lona* angahle athole elesihlanu, *nalowo* athole elesikhombisa, *lona* athole eleshumi nanhlanu, *nalowo* elamashumi ayisishiyagalolune nanhlanu, futhi asazi. Bese kuthi-ke, futhi, uma ngifika, ngivele nje, noma kuphi okubekwe enhliziyweni yami, ngibiza kusukela lapho, akunandaba ukuthi likuphi. Ngivele nje . . . Uma ngithi . . . Ngezinye izikhathi ngiyaye ngibale ukuthi mangaki asohlwini, bese ngikwehlukana ngalawo angakuloluhlu bese ngithola impendulo. Niyabo? Bese kuthi-ke, uma ngingakwenzi, ngani, ngivele nje . . . noma ngabe yini efika emqondweni wami kuqala, ngiyalibiza.

148 Owokuqala. U J, wesibili. Owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu, owesithupha, isikhombisa, isishiyagalombili,

isishiyagalolunye, ishumi, mabeze, niyabo. Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu, owesithupha, owesikhombisa, owesishiyagalombili, owesishiyagalolunye, oweshumi. Lokho kuhle. Yileyondlela, wozani ngqo... Lindani, omunye uye ngakwenye indawo. Bengi... Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu, owesithupha, owesikhombisa, owesishiyagalombili, owesishiyagalolunye. Nakho-ke. Manje, lapha, nakhu, oweshumi. Kulungile.

<sup>149</sup> Oweshumi nanye, oweshumi nambili, oweshumi nantathu, oweshumi nane, oweshumi nanhlanu. Lawo amanye futhi ayisihlanu. Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu. Kuhle, lokho kuhle.

<sup>150</sup> Oweshumi nesithupha, oweshumi nesikhombisa, oweshumi nesishiyagalombili, oweshumi nesishiyagalolunye, owamashumi amabili. Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine. Ngibona abane kuphela. Owamashumi amabili, ngabe owamashumi amabili uphendulile na? Kulungile. Manje, asifuni ukuthola abanengi kakhulu bemi kanyekanye. Manje uma siqeda ngalaba, futhi isikhathi sisekahle ngokwenele, sizoya kwamanye futhi. Asibizi... Mhlawumbe si... .

<sup>151</sup> Asizame abanye futhi ambalwa. Asizame abanye futhi abahlanu. Amashumi amabili-nanye kuya emashumini amabili-nanhlanu, ko J, mabame uma nithanda. Owamashumi amabili-nye kuya emashumini amabili-nhlanu. Owokuqala, owesibili, owesithathu, emuva le ngemuva, owesine. Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, lawo mahlanu. Okeyi, manje asime lapho nje. Kunamashumi amabili-nanhlanu emgqeni, futhi ba-bashaya umugqa phansi lapha.

<sup>152</sup> Manje ngizocela usizo lwenu olulodwa. Ninganginika okungehlukene... Nakisisani uNkulunkulu, kwelandelayo eyishumi nanhlanu, imizuzu eyishumi nesithupha. Nizokwenza lokho na? Futhi ningakwenza lokhu, nivule nge inhliziyu yenu na? Manje kukhumbuleni engikushilo. Ningakuvumeli kweqe emhlane wenu, njengamanzi ehlela emhlane wedada, njengoba isisho esidala sisho. Ningakwenzi lokho. Kunakeni Lokhu.

<sup>153</sup> Uma nginitshela noma yini engekho emBhalweni, nesithembiso sehora, nibophezelekile ukubona imenenja lapha futhi ize ingitshela ngakho. Kunjalo. A-angifundisi lutho kodwa lokho okuseZwini. Futhi uma ngihlala naleloZwi ngqo, futhi uma ngiLisho ngaleyondlela, noNkulunkulu... LiseBhayibhelini. Uma iNgelosi yeNkosi ingitshela into ethize ebingekho eBhayibhelini, kungebe yiNgelosi yeNkosi. Kunjalo. Ayikaze nakanye ingitshela noma yini kodwa lokho okwakukuleloZwi, futhi niyangifakazela. Ayikaze isho nento eyodwa, emakhulwini ezinkulungwane nezinkulungwane, nezilwimi zezwe, ike Yasho nakanye noma yini eyiphutha, noma yasho noma yini engafezekanga.

154 Lalelani. Buzani imeninja nabo lapha. Lokhu nonke enikubona lapha, ngokuyimfundamakhwela ohlangothini lwalokho. Kunjalo, bazalwane na? [Abazalwane bathi, “Kunjalo.”—Umhl.] Ngani, phandle lapho, naphandle empilweni yangasese, lapho Ethi khona, “Yehlela kulendawo, futhi ubone *lokhu*. *Nalokhu* kuzofezeka. Futhi usho *lokhu* ngapha, phansi *lapha*.” Nje kunjalonjalo, ngaso sonke isikhathi, niyabo, unyaka nonyaka. Abantu ezethamelini nje babona i—izinto ezincane. Kodwa manje uma nizohlonipha ngokuzithoba.

155 Manje ngabe wonke umuntu kulomugqa womkhuleko, omi lapha, yizihambi kimi na? Phakamisani izandla zenu uma niyizo. Kulungile. Bangaki khona lapho oyiso, owaziyo ukuthi angazi lutho ngawe na? Phakamisa isandla sakho. Manje kusa. . .Ngiyabonga. Angikhathali ukuthi ukuphi, uma uphezulu kuvulande osesitezi, emuva uncike odongeni, phansi ukwedlula *lapha*, noma ngabe ukuphi. Ngizo. . .

156 Manje, lokhu kungokokunisiza. Lokhu kungokwenzuzo yenu. Niyabo, lokhu kungokwenzuzo yenu.

157 Bengicabanga ukuthi leyo bekuyindodana encane engumzukululu wami ikhuluma kimi ngaleyonkathi, kodwa bekungesiyo. Nginendodana encane engumzukululu phakathi lapha ndawondawo, kulobubusuku, ithi ayibe ngako, futhi bengicabanga ukuthi bekunguPaul omncane. Wayehlala njalo ethi uzoza, ame emsamo, angishumayebele, futhi akakabi nje neminyaka emibili ubudala. Ngicabanga ukuthi lowomfana omncane ucinga umama wakhe.

158 Ngakho khumbulani, ngizama ukunisiza. Ngi. . . UNkulunkulu uyakwazi lokho. Ngizama ukunisiza, niyabo. Manje bukani, ngifuna nithole ukuzuzo, uma Efika phakathi kwethu.

159 Manje kucabangeni, uMuntu kaJesu Kristu esebenza enyameni, njengoba Ethembisa ukuthi Uyokwenza ekugcineni. Bangaki owaziyo ukuthi Wakwethembisa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Njengoba nje kwakunjalo ezansi lapho eSodoma, ngenkathi iNgelosi Ifulathele, ne. . . Lowo kwakunguNkulunkulu. Niyakholwa ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu na? Bangaki okholwayo ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu na? [“Amen.”] Impela, kwakunguye. IBhayibheli lathi kwakunguye. Futhi Yena, uJesu, wabhekisela kukho. Manje qaphelani.

160 Manje nina khona lapho eningenalo ikhadi lomkhuleko, ngifuna ningenzele into ethize, noma ngabe nikuphi. Manje khumbulani, lezizinto, bhekisisani uma Kunitshela ukuthi seniphilisiwe, noma Kunitshela ukuba nenzeni. Bhekisisani Okukushoyo. Uma nje Kunitshela, lokho kungokokwakha ukholo lwenu. Bese kuthi-ke uma ukholo lwenu lufika

endawaneni, yelulekani nje bese nemukela uNkulunkulu. Akusimina, ngoba uBaba waseZulwini uyazi.

<sup>161</sup> Ngibuka phansi kulomugqa lapha, angiboni noyedwa umuntu engimaziyo. Angikwazi ukubona kodwa cishe ababili noma abantu abathathu kuzo zonke izethameli, engibaziyo. Futhi angazi njengoba, khona manje, ngingathi, ngikhombiseni oyedwa. Ngiyazi ukuthi uEdmund Way ube lapha emizuzwini embalwa edlule. Bengicabanga ukuthi ngimbonile, futhi ngi—ngiphundulekile. . .

<sup>162</sup> Uma ngingaphosisi, ngibona omunye umuntu engimaziyo, ngowesilisa nomkakhe, nentombazane encane, ogama linguFritzingler, wasenhla eOhio. Ngabe lowo, ngabe ungumfowethu—Mfowethu Fritzingler na? Uhlezi sengathi usesihbeni esincane lapho. . .Lowo nguMfowethu noDadewethu Fritzingler, waseOhio, abangani bami.

<sup>163</sup> Futhi ngaphandle kwalokho, ohlezi emuva lapho, yi. . . Ngibona eceleni ngapha, yindoda endala eqhubekela eminyakeni engamashumi ayisishiyagalolunye-nambili ubudala, egama linguWilliam Dauch. Yena nomkakhe. Ungumhlengikazi. UWilliam Dauch, eOhio, umngani wami impela oqondene nami. Kungekudala, waye ne, iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye-nanye ubudala, waba nokumelwa yinhliziyiyo ngqi, ukuhlaelwa yinhliziyiyo, nomkakhe wangibiza, ukuba ngize masinya, wayefa ngayo leyonkathi. Futhi e. . .

<sup>164</sup> Ubengumngani omkhulu wesifuba kimi. Endleleni yami ngenyuka ukuyombona, ngangikhathazekile. Ngase ngima, nelinye lamasondo ami laphuma emgqeni, lalisika nje ithayi lami laba yizicucu, ngase ngiyongena esiteshini iTexaco, ngathenga uphethiloli, base bephuma, ukuba balibheke. Ngase ngibheka phezulu, ngase ngibona uMfowethu Dauch ehamba ehlela ebandleni lami, engixhawula. Ngathi, “Ayidunyiswe iNkosi.” Ngase ngibheka emuva ngapha, futhi nangu ehla ngomgwaqo, wayesengixhawula. Ngaya kuye.

<sup>165</sup> Ngibone udokotela wakhe, iJuda eliselincane, noma indoda ephakathi nendima yempilo, indoda eyiJuda. Ngase ngithi, “Kunjani ngaye, dokotela na?”

<sup>166</sup> Wathi, “Akanalo ngisho nethuba lokulwa.” Wathi, “Uphansi kwethende le oksijini.” Wathi, “Uzofela khona lapho.” Wathi, “Khumbula, useneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye-nanye ubudala.”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.”

<sup>167</sup> Wathi, “Ukumelwa yinhliziyiyo ngqi. Ayikho into engenziwa.” Wathi, “Sekuyisikhathi sokuhamba.”

<sup>168</sup> Ngase ngithi, “Yebo, mnumzane. Kodwa, qhabo, akahambi. Yilokho kuphela.”

169 Ngangena, ngabeka isandla sami phansi kwethende. Ngathi, “Mfowethu Dauch, uyangizwa na?” Wangibuka phezulu. Manje ngempela, egameni lakhe, uyiJalimane, D-a-u-g-h, futhi nje ngivele ngilibize ngithi Dauch, niyabo. Futhi nga—futhi ngabeka isandla sami phansi kwethende, ngase ngithi, “Uyangizwa, Mfowethu Dauch na?”

Wathi, “Ya.”

Ngathi, “Awuhambi. Sengibonile ukuthi awuhambi.”

170 Iviki kusukela ngaleyonkathi, ngimi ebandleni lami, ubani ozayo enyuka ebandleni uma kungesuye uMfowethu Dauch! Ngashiya umhlangano ngase ngiwela umfula, ngiya ekhefi, ukuyodla. Futhi ngenkathi ngiphuma emotweni, futhi ngangenyuka ngomgwaqo, nangu eza uMfowethu Dauch evule isandla sakhe. Leyomibono awehluleki.

171 Naleyondoda yeminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye-nanye ubudala, futhi ilandela yonke imihlangano, yayiseCalifornia. Ungasiphakamisa nje isandla sakho, Mfowethu Dauch, uhlezi lapho, khona abantu bezobona ukuthi isosha langempela liyini manje. Lapha, uhlezi khona lapha, niyabo, iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye-nanye ubudala, futhi ulandela yonke imihlangano. Uma ngisetabernakele, ushayela amakhulu amamayela nsuku zonke, ukuzongizwa ngishumayela intshumayelo encane, bese ebuyela emuva. UNkulunkulu, “Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa.”

172 Ngathi, ngolunye usuku ngangikhuluma naye, ngathi, “Ngingakwenzelani, Mfowethu Dauch na?”

173 “Isicelo esisodwa nje, Mfowethu Branham. Uma Efika, ngifuna ukuhamba naYe.”

174 Ngathi, “Ungakhathazeki. Lokho kugciniwe. Impela.” Manje, indoda iyangena, yabhaphathizwa, o, iyangena futhi yemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele nayo yonke into, inceku kaKristu emangalisayo nje.

175 Manje ngizocela wonke umuntu, ahloniphe ngokuzithoba ngempela, bhekani ngapha bese nikhuleka.

176 Manje bangaki othisha lapha abaziyo ukuthi UngumPristi oMkhulu, khona manje, onokuzwelana nobuthakathaka bethu na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Awu, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, nomPristi oMkhulu ofanayo, Ubezokwenza ngendlela efanayo. Kuphela, Yena, umzimba waKhe use . . . sesiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu. Bangaki okwaziyo lokho na? [“Amen.”] Umzimba kaJesu usesiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu. Kodwa Usebenzisa umzimba wethu ukuba azibonakalise Yena uqobo ngawo, njengoba nje Ethembisa ukwenza. “Imisebenzi eNgiyenzayo mina nani futhi.”

Ngizonicela ukuba nihlale nithule, nihloniphe ngokuzithoba, nibhekisise, nikhuleke.

<sup>177</sup> Manje, Baba waseZulwini, ngizamile ukuhlonipha ngokuzithoba nje ngakho konke engaziyo ukuthi kwenziwa kanjani, ngakho. Manje izwi nje elivela kuWe manje, Nkosi, bese kuthi-ke kwangathi elihoshozayo, iPhimbo elincane lingehlela kulezizethameli futhi lithi, “YiMina; ningesabi.” Siphe khona, Baba. Futhi ngiyazinikela kuWe, noMlayezo oshunyayeliwe kulobubusuku, neZwi laKho ukuba liqiniswe. Awudingeki ukuba ukwenze. Kodwa uma Uzokwenza, noma Uyakwenza, ngenxa yokuthi Wethembisa ukukwenza. Ngikhulekela ukuthi Uzosipha lokhu, eGameni likaJesu. Amen.

<sup>178</sup> Futhi wonke umuntu ahloniphe ngokuzithoba impela, nje ahloniphe ngokuzithoba. Unjani na? Manje ngizoninika umBhalo njengoba sihambisana. Uma iNkosi yenza, angazi. Kodwa ju-...Futhi kade ngishumayela kanjalo, niyabo, lolu wuhlobo olulodwa logcobo. Lolu ngolunye uhlobo logcobo. Leso bekuyisibusiso nje. Lokhu, into eyodwa nje, nje kususa ukuphila kuwe ngqo.

<sup>179</sup> Manje inenekazi limi lapha. Angikaze ngilibone empilweni yami. Siyizihambi na? Ngikholwa ukuthi ushilo, esikhashaneni esedlule, bengingakwazi. UNkulunkulu uyakwazi. Uyangazi. Uyazi ukuthi esikumele lapha manje, sizodingeka siphendule ngakho ngoSuku lokwaHlulelwa na? [Udade uthi, “Amen.”—Umhl.] Uyakwazi lokho na? Uyazi ukuthi esikwenzayo manje, uNkulunkulu uzosenza siphendule ngakho phezulu lapho na? Ngikusho ngenhloso nje lokho. Manje, uma iNkosi uJesu izokwembula kimi ukuthi wenzani, okusengqondweni yakho, noma into efana naleyo, uzoyikholwa na? Uzodingeka ukukholwe lokho, awuzukukukholwa na? [“Amen.”]

<sup>180</sup> Nizokukholwa khona lapho, nina zethameli na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

<sup>181</sup> Manje simi impela nje njengowesifazane emthonjeni, neNkosi yethu, owesilisa nowesifazane ukubonana kwabo kokuqala. Niyabo? Silapha, sibonana o...Lowo nguJohane oNgcwele isahluko 4. Manje uma uMoya oNgcwele uzosho... Uma ulapha ngomunye umuntu, uma ugula, uma kuyinkathazo yezasekhaya, uma kuyizinkathazo zezimali, noma ngabe kuyini, anginamqondo. Kodwa Yena unawo. Kodwa Angayehlulela imicabango osenhliziyweni yakho. UyiZwi. Ngingeke. Ngingumuntu. Uthe nje ukushaywa wuvalo kancanyana, futhi yingalesosizathu ngenza lokhu, uyabo.

<sup>182</sup> Leyo ngenye yezinkathazo zakho, ngukwethuka. Kunjalo. Kanti futhi unesifo sikashukela, leyo ngenye into engalungile ngawe. Kunjalo. Izifo ezelakanyanayo, izinto eziningi nje azilungile. Kunjalo na? Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho.

Uyabo? Uyakholwa ukuthi Uzokuphilisa na? [Udade uthi, “Ngiyakholwa.”—Umhl.] Uyakholwa na? Manje, ukwethuka kwakho kubangelwa yiminyaka yakho yobudala, uyabo, kodwa manje konke lokho kuzosuka kuwe. Futhi ngikhoholwa ukuthi ngokukholwa sizoya eKalvari, sibe nokuthekelwa kweGazi.

<sup>183</sup> Manje, yilokho nje impela Akwenza. Watshela owesifazane emthonjeni ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Eyakhe kwakungamadoda amaningi kakhulu. Eyakho bekuyini... Ngicabanga ukuthi bekungukwethuka, nezimbili noma ezintathu ezinye izinto ezingalungile ngawe. Kunjalo, akunjalo na? Lokho yinto efanayo.

<sup>184</sup> Manje, ngenkathi Eza kuSimoni, Wamtshela ukuthi wayengubani. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani igama lakho na? Kungakwenza ukholwe kakhulu na? Kuzokwenza na? Nkk. Strong... [Udade uthi, “Stout.”—Umhl.] Stout, uzokholwa na? Hamba futhi ukholwe, futhi wena... Sekuphelile. Amen.

<sup>185</sup> Woza. Uyakholwa na? Ngiyisihambi futhi kuwe. Angikwazi. UNkulunkulu uyakwazi. Uyakholwa ukuthi Angembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho na? Futhi uma Ekwenza, khona-ke iNkosi uNkulunkulu ayibusiswe. Yiqiniso lelo na? [Udade uthi, “Yebo, yiqiniso.”—Umhl.] Manje awu—awufanele ukhathazeke, uyabo, loyo—loyo nguYe, ukuthi uzwa lokho. Kulungile. Uphethwe futhi yisimo sokwethuka, ukwethuka komqondo, futhi uthola ukudabuka kalula. Futhi uphethwe inkathazo yesinye, into ethize engalungile ngesibindi, futhi ungophaphathekelwe yigazi. Kunjalo. Unento ethize... .

<sup>186</sup> Kulokhu kungowesilisa obonakala lapha. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphilisa na? [Udade uthi, “Yebo, ngiyakholwa.”—Umhl.] Aphilise umyeni wakho, futhi, amenze aphile na? Ucabanga ukuthi inkathazo yesisu izosuka, futhi uzoba kahle na? Yilokho aphethwe yikho. Hamba ubeke izandla zakho phezu kwakhe, umtshela kanjalo, futhi kuzo—kuzosuka kuye.

<sup>187</sup> Ngiyisihambi kuwe. INkosi uJesu iyasazi sobabili, Ayisazi na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphilisa na? Uma iNkosi uJesu izokwembula kimi into e... ukuthi u... lokho okusenhliziyweni yakho, uyakholwa ukuthi Uzokuphilisa na? Ubunenkathazo ethize. Unenkathazo ye—ye—yenyongo, okwento eyodwa. Futhi enye into, ibangela ukuba isinye sakhohlo sibe nesimo sezilonda emathunjini, kodwa yilokho udokotela wakho akushilo. Manje, enye into ngokuthi, ukuthi bafuna ukuhlinda mayelana nalokho. Kunjalo impela. Akusilo iqiniso lelo na? Manje uyakholwa ukuthi Angakwedlulisa lokho na? Ucabanga ukuthi ukukholwa kwakho kukuYe na? Manje uyazi ukuthi akusimina engenza lokho. Uyakholwa na? Kulungile. Hamba, futhi njengoba ukholiwe, makube njalo kuwe.

<sup>188</sup> Siyizihambi omunye komunye, ngiyacabanga. INkosi uNkulunkulu isazi sobabili. Uyakholwa ukuthi Uyakhwazi ukwembula kimi izinto ezingakusiza na? [Udade uthi, “Yebo, ngiyakhwazi.”—Umhl.] Wena, uyakholwa ukuthi Uzokwenza. [“Ngiyavuma.”] Ngithi... “Ngiyavuma,” lokho kuhle kakhulu. Lokho kuhle impela. Manje unezinto eziningi ezingalungile ngawe, izifo eziningi kakhulu ezilakanyanayo nezinto, nokufana nokukhwehlela, futhi awukwazi ukukuqeda. Futhi unokwethuka ngempela. Futhi—futhi lokho, kunjalo.

<sup>189</sup> Khona-ke, unomthwalo enhliziyweni yakho, nalowomthwalo owomunye umuntu, okuyindodana yakho. Futhi ine—nenkathazo, izinkathazo ezithile zasekhaya. Yona nomkayo, bahlala njalo beqophisana futhi beqhubeka...?... Futhi uthwele umthwalo ngakho. Kunjalo. Manje uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi konke kuzosuka futhi kuhambe. Kholwa manje. INkosi ikubusise.

<sup>190</sup> Sawubona, mnumzane? Ngiyisihambi kuwe, futhi—futhi uyisihambi kimi. Futhi ku—kuqala... Imibono manje, ngiyabona, kubukeka sengathi yonke indlu ithola ukukhanya nje, njengohlobo olufana nesivunguvungu luzungeza. Niyabo? Kodwa uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu ingembula kimi ukuthi umeleni lapho na? Uyakholwa ukuthi Izokwenza na? Ngiyakukholwa lokho, futhi. Ngikhuluma nawe nje, ukuxhumana nomoya wakho, impela yilokho engikwenzela khona. Uyabo, angikwazi, ngakho kuzoba into ethize ngaphandle kwami ngikwenza. Ngifanele ngisuke kimi nje ngokuphele kakhulu ngisuke kimi uqobo, ukuthi Iyakwenza qobo lwaYo. Uyaqonda na?

<sup>191</sup> Manje, into eyodwa, uphethwe isimo sokwethuka okumangalisayo, nalesisimo sokwethuka sesinesikhathi. Kunjalo. [Umfowethu uthi, “Kunjalo.”—Umhl.] Nalesosimo sokwethuka sesikubangele ukuba ube nehiphi, futhi. Futhi ushaywe unhlangothi. [“Kunjalo.”] Yilokho. Awusho, kuphakathi kokuthi kade ungumshumayeli, noma ungumshumayeli. [“Nginguye.”] Manje ungumshumayeli; ngikubona umi epulpiti. Manje-ke, yiba nokukholwa kuNkulunkulu, nalokho kwethuka kuzosuka kuwe. Bonke abefundisi banakho lokho. Uzoba kahle. Buyela epulpiti lakho, futhi umlalele uNkulunkulu futhi uhlale ngokwethembeka kuleloZwi, uJesu Kristu.

<sup>192</sup> Uyakholwa ukuthi inkathazo yakho yeqolo isisukile kuwe, uhlezi esitulweni na? Uyakhukholwa na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Kulungile, mnumzane, manje-ke yiba ulokhu uqhubeka nje, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi.”

<sup>193</sup> Woza, nenekazi. Sawubona? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? [Udade uthi, “Impela ngiyakholwa.”—Umhl.] Kulungile. Uyakholwa ukuthi



leyonkathazo yamanenekazi, inkathazo yabesifazane, izosuka kuwe na? ["Amen."] Uyakholwa na? Qhubeka-ke, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi."

<sup>194</sup> Inkathazo yezinso, inkathazo yeqolo, eqolo lakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa futhi akusindise, kulokho na? Uyakholwa ukuthi Uzokusindisa na? Kulungile, thatha okwakho...?...

<sup>195</sup> Woza, nenekazi. Ngiyisihambi kuwe. Ukuba angishongo lutho kuwe, nhlobo, ubuzokholwa ukuthi uBukhona bukaNkulunkulu bulapha ukuphilisa abagulayo na? [Udade uthi, "Impela, ngiyabukholwa."—Umhl.] Ubuzokholwa na? Awu, uma ukholwa, inkathazo yakho yesisu... Sengikutshelile, uyabo. Isi—isihambile. Ngikutshelile, uyabo. ["Ngiyabonga Nkulunkulu! O, ngiyaKubonga, Jesu."]

<sup>196</sup> Unjani, mnumzane na? UNkulunkulu uhlala enhliziyweni. Nenhliziyoyakho kade ivela lapha kamuva, imbi. Uyakholwa ukuthi Uzoyenza ibe kahle na? Hamba ngendlela yakho futhi ukukholwe. UNkulunkulu akubusise. Ukhholwe; Uzoyenza ibe kahle.

<sup>197</sup> Uyethuka, kukubangele ukuba ube nenkathazo yesisu, isilonda esisemgudwini wokugayeka kokudla. Siyakukhathaza emva kokudla. Uyakholwa ukuthi sesihambile sonke manje na? Hamba uzithengele okuthize ozokudla.

<sup>198</sup> Kuthi ukuba lukhuni kuwe ukuba usukume, iqolo kade likuhlupha kabi kakhulu. [Isiguli sithi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Ngeke liphinde lisakuhlupha, uma uzokukholwa. Uzokukholwa na? ["Yebo, mnumzane."] Kulungile, qhubeka, futhi kwangathi iNkosi uJesu angakusindisa ngokuphelele.

<sup>199</sup> Yini ube nokwethuka kangaka na? Qhubeka nje, uthi, "Ngeke ngisaba novalo," futhi ngeke usaba nalo. Hamba futhi ukholwe. Kulungile, mnumzane.

<sup>200</sup> Woza, nenekazi. Manje, owesifazane wase Etiyopiya, nowesilisa ongumlungu, kufana nje impela njengento ethi ayifane naleyo eyahlangana ngalolo suku, uJesu. Babenokwehlukana njengoba babevamise ukuba nakho eNingizimu, kodwa asisenakho. UJesu wabenza bazi ukuthi bonke abantu babengabantu bakaNkulunkulu. Kwakungekho mehluko, niyabo, noma ngabe wayeyiJuda noma umSamariya.


<sup>201</sup> Manje, uma uNkulunkulu engakusizi, masinya nje lesosifo samathambo sizokukhubaza. Kodwa uyakholwa ukuthi Uzokusiza, akusindise na? Njengoba nje owesifazane enza, qhubeka ngendlela yakho futhi utshele abantu bakini ukuthi zinto zini ezinkulu uNkulunkulu akwenzele zona. Kulungile.

Manje, kunodokotela ohlinzayo oselungele ukuphulukundlelisa ummese.

<sup>202</sup> Umzuzwana nje. Bekungesuye lo wesifazane. Manje, umzuzwana nje, wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba manje. Ngu—nguSathane, uzame ukwenza into ethize. Nansi. Yithumba, ithumba, nobabili. Kunjalo. Unethumba, unethumba, nalowodeveli udazulukela usizo kwelinye nelinye. Kodwa uMoya oNgcwele uyadazuluka, nawo. Ubani ozomkholwa, Yena na? Kulungile. Sukuma uphume kulolohlaka lombhede, nenekazi. Sukuma uphume kulolohlaka. Sukuma usuke kulokho, futhi ukholwe. Hamba, Mkholwe manje. Amen.

<sup>203</sup> Niyakholwa na? Konke kuyenzeka. Niyakholwa na? Kuthiwani ngani enisezethamelini na? [Ibandla nalabo abasanda kuphiliswa bathokoza bonke—Umhl.]

<sup>204</sup> Asisukume ngezinyawo zethu khona manje. Khona manje yisikhathi sokukwenza. Makuthi wonke umuntu... UNkulunkulu anibusise. Makuthi wonke umuntu nime ngezinyawo zenu khona manje. Nikani uNkulunkulu udumo. Phakamisani izandla zenu.

<sup>205</sup> NgiyaKubonga, Nkosi uJesu! SiyaKudumisa ngobukhulu baKho, nokuphilisa kwaKho abagulayo. [Ibandla liyathokoza—Umhl.] 

*UBUFAKAZI OLWANDLE ZUL64-0307*  
(A Testimony On The Sea)

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMgqibelo kusihlwa, ngoMashi 7, ngo 1964, eSoul's Harbor Temple eDallas, eTexas, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2018 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)